# UJEHOVA-JIRA 2

Asibe silokhu simile, umzuzwana nje, sisakhothamisa amakhanda ethu.

2 Baba waseZulwini, siyabonga, kulobubusuku, ngethuba esinalo, ukuza futhi endlini yokukhonzela, lapho esizethule khona nezinkinga zethu kuWe, ukuthi Wethembisa ukuhlangana nathi lapha phansi kweGazi elichithiwe. Indawo kuphela ehlinzekiwe uNkulunkulu ake aba nayo ukuthi isoni, noma yinoma ubani akwazi ukuhlangana noNkulunkulu, yayiphansi kweGazi elichithiwe. Ngakho siza ngeGama leNkosi uJesu, sazi ukuthi Wethembisa uma—uma siyocela noma yini kuleloGama, kufanele kuphiwe. SiyaKukholwa, Baba. Siza ukungakholwa kwethu. Sikhulekela ukuthi ukubuthana kwethu ndawonye, kulobubusuku, kuzoba senkazimulweni kaNkulunkulu, ukuze uNkulunkulu ahlonishwe, neGama laKhe livunywe phakathi kwabantu. Ngokuba sikucela eGameni likaJesu, iNdodana kaNkulunkulu. Amen.

Ningahlala phansi.

3 Lokhu ngikuthatha ngokuthi kuyinhlanhla ukuba lapha futhi kulobubusuku, nokubona leliqembu labantu elihle libuthene phandle lapha. Ngiyakholwa, bathe bekungumbukiso wezimpahla. Ngike ngabamba imihlangano, cishe impela eduze, zonke izinhlobo zezindawo emhlabeni jikelele. Ngiyakhumbula phandle eCalifornia, ngike ngaba nemihlangano emibili noma emithathu lapho eCow Palace, bayibiza kanjalo. Nakosayizi abehlukene, indlu encane emumatha abantu abahlanu noma abayisithupha, kuya, awu, embuthanweni obanzi kunayo yonke esake saba nawo kanye, kwakuseBombay, amakhulu amahlanu ezinkulungwane embuthanweni owodwa.

4 Kodwa, iBombay, into enkulu, iNkosi yethu yasindisa abantu abaningi. Ukuba nje sasingathola amabandla ukuba abe nobambiswano, ayengathatha lawomaHindu kanjalonjalo. Nalokho ngempela kwakuyi, esikubiza ngokuthi, “abangakholwayo.” Noma yini engakholelwa eNkosini uJesu Kristu, sikubiza lokho ngokuthi “ongongakholwayo.” Futhi kwakukhona ngokwangempela izinkulungwane ezemukela uKristu, kodwa wawunga . . . nje ngakwazi ukuthi ubathole.

5 Kwase kuthi-ke eThekwini, eNingizimu Afrika, saqopha lapho, abantu, izinkulungwane ezingamashumi amathathu ekubizelweni ealtare okukodwa, ngenye intambama. Lapho, ngosuku olulandelayo, imeya, uSidney Smith, waseThekwini, ayethi awabe yisikhombisa noma isishiyagalombili alawomaveni amakhulu aseBrithani ayenqwabelwe egcwele nje izinduku zokuqhugela ezindala nezinto abantu

ababekade behamba ngazo, amakhulu amamayela. Noma, babaletha amaviki, ezansi bedabula emenweni, ngezithuthi. Babenqwabelwe begcwele lokho.

6 Imeya yangibiza, yathi, "Yana ewindini lakho elibhekene noLwandlekazi lwaseNdiya, phandle lapho ehhotela," wathi, "futhi uzobona into ongakaze uyibone ngaphambili."

7 Futhi lapha kwakuyilawomaveni amakhulu nje enqwabelwe khona, ebesingakubiza ngokuthi, izinduku zokuqhugela nezithuthi, kanjalonjalo, ukuthwala abathandekayo babo bephuma emenweni. Nabantu owayekuwo, ngayizolo, babehamba emva kweveni, becula *Kholwa Kuphela* ngolwimi lwakubo lomdabu. Kwakungokubonakala kuxhuxhumisa ngempela ukubona lokho.

8 Futhi phakathi lapho kwakungodokotela. Abaningi babo bezihlolisisa izifo, ukuqiniseka ukuthi babeqinisile. Asifuni kusakaza lutho, noma sigaye lutho, ngaphandle uma lingafakazelwa, iqiniso. Lifanele lifakazelwe!

9 Ngisanda kuthola incwadi iletha evela e. . . esikhashaneni esedlule. Ifika kimi nje. Oyisipesheli, udokotela odumile eIndiana. UyiKatolika, ngokukholwa. Nendodana yakhe ingumpristi emzini wezindela zesilisa iSt. Meinrad eJasper, eIndiana. Lona kwakunguDkt. C. Ackerman. Futhi kwenzeka ngahlangana naye ohambweni lokuyozingela, kanye. Futhi wayekade ezingela iminyaka eyishumi nanye, izinyamazane ama elki. Wehluleka ukuthola eyodwa. Futhi ngalobobusuku, sahlala kwaze kwacishe impela kwaba ngelesibili nqo, sixoxa ngeNkosi.

10 Ngezwa ukuthi lodokotela wayephezulu lapho enkanjini. Ngakho ngenkathi ngenyukela lapho, ngangilindele ukubona umuntu othile ozidlayo nonganaki. Kodwa ngahlangana nekahle kakhulu, uhlobo olunomoya omnandi lwendoda. Wenyuka, wathi, "UnguMfowethu Branham na?"

Ngase ngithi, "Yebo, mnumzane, nginguye."

Wayesengixhawula. Wathi, "NginguDkt. Ackerman."

Ngathi, "Awu, ngijabula ngempela ukukwazi."

11 Sathola ukuxoxa ngoNkulunkulu, futhi mayelana nokuthi kanjani uma njalonjalo WayenguNkulunkulu, Uzofanele ahlale enguNkulunkulu, kungenjalo Akazange abe nguNkulunkulu. Niyabo? UNkulunkulu womlando akalungile namhlanje, uma Engafani kubantu namhlanje njengoba Wayenjalo ngaleyonkathi.

12 Ngakho, cishe ngelesithathu nqo, thina, o, u—umphelekezeli wasivusa. Futhi waye. . . Ngangiphelekezela, nami, ngakho sasizothatha uhambo, sithathe amadoda ethu siwakhiphe siwayise ezindaweni ezehlukene lapho esasiphelekezela khona. Emgwaqeni ezansi, uDkt. Ackerman wayabelwe mina.

13 Futhi emgwaqeni ezansi, wama, kancanyana ngaphambi kokuba kuse. Wangigaxa ehlombe lami, wathi, “Mfowethu Branham?”

Ngathi, “Yebo, mnumzane, dokotela.”

14 Wathi, “Ngikholiseke ngempela ngempela ngoJesu Kristu.” Wathi, “Nginomfana, uyazi, ungumpristi lapha emzini wezindela zesilisa.”

Ngase ngithi, “Yebo, mnumzane.”

15 Wathi, “NgiyiKatolika, ngokukholwa. Ngiqagele yilelobandla.” Wathi, “Awu, ngikholwa ukuthi uma—uma WayenguNkulunkulu njalonjalo, UnguNkulunkulu wabo bonke abantu.”

16 Ngathi, “Kunjalo impela. Wadala bonke abantu. Futhi ngaGazi linye Wazenza zonke izizwe.”

17 Wayesethi, “Yebo, mnumzane, ngiyakukholwa lokho.” Wathi, “Ngizifundile izincwadi zakho.” Wathi, “Ngiyakwethemba lokhu. Ngiyakholwa, uma uzocela uNkulunkulu, angiphe inyamazane ielki namhlanje, ngizoyithola.” Wathi, “Iminyaka eyishumi nanye kade ngizizingela; ngike ngabambeka ezichothweni zeqhwa.”

18 Ngathi, “Ngizocela iNkosi ukuba ikuphe eyodwa, dokotela. Yilokho kuphela engingakwenza.” Futhi ngenkathi ngiYicela, ngamkhulekela. Ngathi, “Dokotela, ngelesishiyagalolunye nqo, kulokhu ukusa, iNkosi ikupha i—inkunzi yenyamazane ielki emicijo mihlanu.”

Wayesethi, “Ngiyakukholwa.”

Yilokho kuphela afanele akwenze. “Uma ukukholwa.”

19 Ngakho, umngani nami, sakhwela egqumeni, ngase ngibheka iwashi. Ngelesishiyagalolunye nqo isibhamu saqhuma. Wayenenkunzi yenyamazane ielki emicijo mihlanu. Sahamba sase simsiza ukuba ayingenise.

20 Uletha iziguli zakhe ukuba zikhulekelwe. Ngisanda kuthola isipesheli nje manje, ukuthi unodaba lomdlavuza, owesifazane ebulawa ngumdlavuza, angathanda ukundizela lapha. Kodwa ngiya ekhaya, emva kwakusasa, emva, usuku emva kwakusasa. Ngakho ngimtshelile, alinde nje size singene lapho, sizokhulekela owesifazane uma sifika lapho.

21 Ngakho, niyabo, okuningi, uma udaba lungethulwa kumuntu ngokunengqondo! Ukuphilisa ngokukaNkulunkulu kwenziwe kwaba ngokukhulunywa ngakho kakhulu impela, nobuhlanya obuningi kakhulu bahhukela kukho, sengathi kukuyo yonke enye into. Noma—noma yiluphi uhlobo lwenkolo kumbe noma yini, uthola izinhlanya.

22 Ngisho nakwabakaMohamede, uthola ukuthi kukhona, namaHindu. Uthola omunye umuntu lapho, umzenzisi omdala

ehlekisa enzela izivakashi ezithize, elala phezu kwezipikili kanjalonjalo, iglasi. Kodwa emuva ngaphakathi, ngumuntu okholelwa ngempela kulokho. Lokho ukwenzela umhlatshelo.

23 Futhi—futhi siyakuthola lokho kuyo yonke into. Sithola ubuhlanya. Ngisho nesidla-kudla esiwuhlanya sidla kakhulu impela. Kumbe, kumbe, noma yini!

24 Kodwa uma udaba lwethulwa ngempela emBhalweni, khona-ke akukho okunga . . . Ngithola abanye abaningi odokotela abakholwayo kunoma ngenza kubefundisi abakholwayo. Ngiyabathola. Ngibathola ngempela. Abanye abaningi bayakholwa.

25 Kade nginengxoxiswano nabakwaMayo. Uma nonke nikwazi, kade kugcwele iphepha, nayo yonke into. Nemitholampilo emihle yodokotela ndawo zonke. Akukho lutho. Bayakukholwa. Ngi—ngibe nodokotela abeza bezongitshela, njengasengxoxiswaneni lapho, bathi, "Asizisho ukuthi singabaphilisi. Sizisho ukuthi selekelela imvelo. Munye kuphela umphilisi; lowo nguNkulunkulu."

26 Bangaki abafunda i*Reader's Digest*, ngalowoDonny Morton omncane, ukuthi basayinile kukho, "waphiliswa"? Futhi, "Isimangaliso sikaDonny Morton," i*Reader's Digest*. Ngakho, lowo, owaba nami ngengxoxiswano ngalokho. Lowomfana omncane wayesedelwe ngabakwaMayo, oHopkins, nabo bonke. NeNkosi uJesu yamphilisa, yamsindisa.

27 Futhi uFlorence Nightingale, indodakazi engumzukulwana kaFlorence Nightingale, eLandani, eNgilandi. Wandiziswa esuka eThekwini, eNingizimu Afrika.

28 Nento imelwe ngokungesikho. Njenganje . . . njengezikhathi eziningi e . . .

29 NobuKristu bumelwa ngokungesikho kubantu. UbuKristu bumelwe ngokungesikho kubantu njengesimemezelo sesivumokholo. UbuKristu bunguBukhona obuphilayo, uJesu Kristu, uNkulunkulu ovukileyo, ophilayo futhi uphakathi kwethu manje. UbuKristu nguMuntu, hhayi isivumokholo. "UkuMazi kungukuPhila." Hhayi ngisho ukwazi iZwi laKhe; lokho akusikho ukuPhila. "UMazi," futhi UyiZwi.

30 Umfo wathi kimi, kungekudala, wathi . . . Ngangixoxa nje mayelana nokuthi . . . esasikucabanga ngomBhalo othize eBhayibhelini. Lomfo wayeyisifundiswa esikhulu ngempela. Wathi, "Awu, awulazi nje iBhayibheli lakho."

31 Ngathi, "Ngiyamazi uMqalisi kahle ngempela." Ngakho, leyo yinto enkulu, uma ngiMazi. Uyokunakekela konke okunye kwakho. "UkuMazi kungukuPhila."

32 Futhi, manje, kusasa ekuseni, endlini lapha, lapho, indoda yakithi engumxhumanisi womphakathi, uDkt. Lee Vayle, ulapha. Uma kunemibuzo emqondweni wakho, woza,

uzowuphendula, enze noma yini angayenza, ukukusiza. UDkt. Vayle ulapha. Ngikholwa ukuthi undawo ndawo ngemuva endlini manje. Isifundiswa esikhulu esikahle ngempela, nendoda ewuqeqeshelwe kahle kakhulu umsebenzi. Ngakho, uma noma ngubani enombuzo, kumbe noma yini, futhi esikhundleni sokuzama nje ukuwubuza manje, emhlanganweni womphakathi njengalo, ngani, bonani uDkt. Vayle. Uzojabula ukuba nixoxisane nganoma yini o—ongathanda ukuyixoxisana naye. Futhi manje-ke unenkonzo lapha, ekuseni. Futhi singajabula uku—ukuhlangana nabantu lapha.

33 Futhi, manje-ke, ekuseni ngeSonto kuzoba uSonto sikole, kulolonke idolobha. Asi—sizami ukuthatha iSonto, iSonto ekuseni noma iSonto ntambama, ehholo lapha, ngoba ku—akulungile.

34 Niyabo, amabandla, nina, umsebenzi wenu—wenu eniwumiselweyo usebandleni lenu—lenu. Futhi uma ibandla linezinkonzo, leyo—leyo ifanele ibe yindawo yenu. Futhi asifuni muntu ukuba aphumele phandle, nibe ninendawo yenu yokugada ukuba niyethamele. Uma ibandla lakho linemvuselelo, futhi kwenzeke singene edolobheni lapho eninemvuselelo khona, asiqondile ukwenza lokho, lutho nhlobo. Silapha enhlanganyelweni yamaKristu, ukubekezelelana, kwentando enhle ngakubantu bonke, onke amabandla. Asi . . .

35 Angisuye owanoma iyiphi inhlangano, nhlobo. Angisuye owanoma iyiphi inhlangano. Ngi—ngingumKristu nje. Futhi mina, ukuthonya enginakho, ngizama nje ukukusebenzisa u—ukuhlonipha uKristu, nokuletha izoni ekuphendukeni. Futhi yilokho kuphela engazi ukukwenza. Ngethemba, ngaloloSuku, futhi ngithemba ukuthi Uyothi, "Kwenziwa kahle." Nalokho ngamazwi engifuna ukuwasho . . . ngiMuzwe ewasho.

36 Bengihlale njalo ngimangala. Ngangithanda ukuMuzwa ngenkathi Ema wayeselula izangalo zaKhe ngalolosuku, futhi athi, "Zanini kiMi, nonke nina enikhatheleyo nenisindwayo." Manje, lokho kwase kwedlule. Kodwa, "Wenze kahle, nceku yaMi enhle nethembekileyo," kuyoba senkathini ezayo. Futhi, mina, ngiphilela ukuzwa lokho kushiwo.

37 Futhi manje, manje-ke, ngeSonto ntambama, sizokhulekela abagulayo. Ngezinye izikhathi abantu babhekisela kulokho njengezinkonzo zokuphilisa. Manje, akusiyo inkonzo yokuphilisa. Ngumkhuleko wabagulayo. Niyabo? Sikhulekela abagulayo. Futhi, ngokujwayelekile, lokho kungenkathi izinto zenzeka, kungenkathi sikhulekela abagulayo.

38 Ngifuna wonke umfundisi, ezweni lonke, ndawo zonke nomaphi, okholwayo, ukuba eze, qinisekani ukuza ngeSonto ntambama, nime nathi sisakhulekela abagulayo. Kungakhathaleki ukuthi okwehlelo lakho kuyini, kumbe noma kuyini, asinandaba nalokho. Impela, unokubezwela abantu

bakho, nokwabantu ongabantu bakaNkulunkulu, nabantu abafuna ukuphiliswa.

39 Khumbulani, uma ugula, umsebenzi wakho wokuqala owumiselweyo ngukuba ubone udokotela wakho futhi ubone ukuthi uthini. Bese kuthi-ke uma esixilonga isifo sento ethize a—angeke; isayense, isayense ayikakwazi ukwembula kuye noma yiluphi usizo lwakho, khona-ke unelungelo lokuza kuNkulunkulu. UyiNyanga enkulu. Futhi manje-ke . . .

40 Futhi sikhuleke, futhi sibe nomkhuleko okhulekwa phezu kwenu. Bayakwenza, bafanele bakwenze, kulolonke ibandla lamaKristu. Mhlampe, bayenza lapha. Angazi. Kodwa cishe ezindaweni eziningi impela, amaKristu akhulekela abagulayo bawo. AmaPresbyterian namaningi awo anemikhankaso emikhulu yokuphilisa kuyo yonke inyakatho, nezingxenye ezehlukene zezwe, bekhulekela abagulayo, futhi benempumelelo enkulu; iPresbyterian, iLuthela, iMethodisti, amaningi awo.

41 Imvuselelo yabo enkulu yaqala ngemikhankaso yokuphilisa. Futhi ngakho basuka kuyo, kusobala. Iqembu elisha liyangena, bona, isigejane samadoda sihlangana ndawonye futhi siLehlukanisa ngendlela abafuna ngayo, bese kuthi-ke lapho lisuke kuLo, niyabo, abuyele ngqo kulesosivumokholo, njengabaFarisi nabaSadusi besikhathi seNkosi uJesu.

42 Kodwa manje, wonke umfundisi uyamenywa, ngeSonto ntambama, ukuba eze futhi abe kanye nami, futhi—futhi angisize lapho sikhulekela abagulayo. Nikhiphe abenu abagulayo nabahluphekile.

43 Manje, siyazama manje ukuba sivumele abantu . . . ukuthola izoni esingayazi iNkosi yethu, esingaqondi ukuthi Ayifile. Ingephilayo. Yona, Ayifile. Iyaphila, kuze kube phakade. Futhi Yathi, "Ngoba ngiphila Mina, niyaphila nani." Isithembiso esinje pho, nenduduzo enje pho, uma sibona isikhathi sisondela!

44 Onke amaKristu angempela ayakholwa ukuthi ukuFika kwesibili kukaKristu kuseduze. Ukuthi kukude kanganani, asazi. Nike nayibona iAlaska inokunye futhi ukuzamazama komhlaba okuthi akube kubili namhlanje na? Okunye kwakho, kuqine njengoba kwakunjalo okokuqala, kuphela ukuthi akuwuzamazamazisanga phansi. Niyazi, uJesu wathi lezo uhlobo lwezinto zaziyokwenzeka nje ngaphambi kokuFika kwaKhe.

45 Futhi, khumbulani, lezizinto enizibonayo zenzeka lapha, iZwi labikezela ziyoba lapha, ngokufanayo nje njengoba Abikezela ngokuzamazama komhlaba. Ngakho, sindawonye, asibeki ngani nje izinhliziyo zethu ndawonye, bese sikunitha eZwini likaNkulunkulu, futhi sikholwe ngazozonke izinhliziyo zethu na? Kulungile.

46 Manje, izolo ebusuku, besi . . . Ngithathe indikimba ka Abrahama, ngenkathi ebiza igama leNkosi eyabonakala kuye phezulu lapho emhlatshelweni wendodana yakhe, lapho ayeya

khona. Igama labizwa ngokuthi *UJehova-Jira*, okungukuthi, “iNkosi Iyakuzibonela umhlatshelo.”

47 Manje, kulobubusuku, nginemiBhalo embalwa namanothi, noma emibili, ebhalwe phansi lapha, engingathanda ukuyishiya—shiya nani. Manje, ngaphambi nje kokuba senze, asikhuleke umzuzwana nje, futhi.

48 Baba, siyakhuleka ukuthi Uzothatha iZwi laKho. . . “IZwi laKho liyiQiniso.” NeBhayibheli lathi, uJesu ekhuluma, wathi, “IZwi liyiMbewu umhlwanyeli ayihlwanyelayo.” Manje siyaqonda ukuthi uma imbewu iyimbewu enhle, iyaqhuma. Futhi uma leyombewu ibithwaliwe, icebo layo e—entandweni kaNkulunkulu, khona-ke ishiya imbewu eqhumile. Futhi ngenkathi uJesu esemhlabeni, Wayeyilowo mVini. Nembewu Ayihlwanyela kwakuyiZwi laKhe, futhi siyazi ukuthi iqhunyiswa ukuPhila kwaKhe uQobo.

49 Futhi siyazi ukuthi imbewu, uma iwela ohlobweni olufanele lomhlabathi; hhayi phezu kwamadwala, ingenampande; nasemeveni namakhakhasi, lokho bekungayiklinya masinya; kodwa kokuhle, okucebile, ukukholwa okuvundile. Yonke imbewu iyoveza inhlobo yayo.

50 Futhi siyazi ukuthi yonke imbewu, noma isithembiso sikaNkulunkulu, iyothela inhlobo yayo, eyakwethembisa, uma ishaya ili-. . .umhlabathi omuhle, umhlabathi olungisiwe, osulengele; onke a—amadwala lijikijelwe phandle, nezimpande, nokubaba, nokuzazisa, nokunganaki, nomona, konke kwembululiwe; leyompande yokubaba evumbukayo, leyo ngezinye izikhathi yonakalisa kakhulu into uNkulunkulu azama ukuyenza. Siyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi lokho ngeke kube phakathi kwethu, kodwa ukuthi iZwi elihle lizothola umhlabathi omuhle kulezi.

51 Njengoba silandela lokhokho omkhulu, uAbrahama, esifundweni kulobubusuku, kwangathi singathola indawo yethu eyiyonayona, sazi ukuthi singabantwana baka Abrahama, ngokukholwa kuKristu. Futhi, manje-ke, uthole inkazimulo eGameni laKho uQobo nodumo, ngokuba sikucela eGameni likaJesu Kristu. Amen.

52 Sizothi ukuphinda sibheke emuva kancanyana kulobubusuku, okwesifundo salokho ebesikhuluma ngakho izolo kusihlwa. Lokho bekungukuthi, ukuthi, sithole uAbrahama eqala, kuGenesisi isahluko 12. Ngempela, igama lakhe lakhulunywa esahlukweni 11, ngenkathi uyise ehla evela eBabiloni futhi bakha e—eUri naleli. . .izwe lamaKhaledi.

53 Futhi manje-ke sithola ukuthi, futhi, ukuthi uNkulunkulu wabiza uAbrahama, indoda ejwayelekile nje egama linguAbrama. Wayengakabi uAbrahama. Futhi, noSara, “uSarayi,” uSara wayengakabi uSara. Ngakho siyathola, u*Sarayi* no*Sara* kwakungamabili ahlu-. . .kwakungamagama

amabili ahlukene. No*Abrama* no*Abrahama* kwakungamagama amabili ahlukene.

54 Manje sithola ukuthi, kulokhu, simlethe samkhuphula izolo ebusuku, kwaze kwabangukuqiniswa, ukuthi uNkulunkulu waqinisa kuye isivumelwano, ukuthi Wayefakazisa kanjani kuAbrahama ukuthi Wayezosigcina isithembiso saKhe. Lokho kutholaka kulesisahluko 15 sikaGenesisi. Ukuthi kukanjani... NoAbrahama wabizelwa ngaphandle kusihlwa, ukuba athathe ehle, abulale ithole noma isithokazana, nembuzi yesikazi, nenqama. Futhi singene kulokho izolo ebusuku, ukuthi akanjani amasikazi amabili neduna. Bese-ke kuba amajuba amabili, noma ivukuthu nejuba, okungumndeni ofanayo; futhi sathola ukumelwa kwalokho, ukuthi lokho njalo kwakumele ukuphilisa. Okungukuthi, akuzange kushintshe. Ukuphilisa bekuhlala njalo kungokukholwa. Kodwa ukubuyisana, kusobala, kwahlukaniswa nempilo yesilwane kwaya empilweni yomuntu.

55 Manje, eTestamenteni eLidala, ngenkathi umkhonzi efika negazi. UNkulunkulu uhlangana kuphela nabantu phansi kweGazi elichithiwe, indawo kuphela Ake noma ayoke ayenze. Akasoze ahlangana nawe ngesivumokholo sakho. Akasoze ahlangane nawe ngemfundo yakho. Uyohlangana nawe phansi kweGazi; ileyondawo kuphela. Wonke uIsrayeli wakhonza ngaphansi kwegazi.

56 Futhi siyathola lapho-ke, futhi, ukuthi sithole (ini?) emuva emlandweni walokho, ukuthi isivumelwano sasenziwa kanjani ngabantu, futhi siyathola ohlobweni lwasezweni laseMpumalanga nezindlela ezehlukene abenza ngazo isivumelwano. Nokuthi senza kanjani namhlanje, ngokuxhawulana, nokunye nokunye, futhi sithi, "Kubeke uphawu!" NamaJapani aphoselana usawoti, kube yisivumelwano.

57 Futhi—futhi ekuhambeni umhlaba jikelele, futhi uthola okuningi komhlaba kusesesimweni esifanayo okwakukuso emuva ngalezozinsuku, ikakhulukazi emazweni aseMpumalanga naseMpumalanga. IBhayibheli lenu liba yincwadi entsha uma nike niye eMpumalanga, anisoze... emuva eJerusalema, ePalestina, emuva phakathi lapho. Niyo... IBhayibheli, Lilotshwe nge...Singabantu abangamaNgisi ngapha, nabantu bangaseNtshonalanga, bezama ukuqonda incwadi yesiNgisi, ngakho kuyinto elikhuni ngempela. Uma nibuyela lapho, nithola umshado nayo yonke into, futhi nje impela ngayo indlela ababekwenza ngayo ngesikhathi sikaKristu. Izinto eziningi lapho ayikashintshi nhlobo, emasikweni abo nezindlela.

58 Futhi manje thina, kulokhu, sithola ukuthi ngenkathi benza lesisivumelwano ngalezozinsuku, ba—babesidweba esiqeshini

sesikhumba semvu, noma—noma isikhumba esishukiweyo. Beseke bebulala isilwane, bese bema phakathi kweziqephu. Bese besinquma, lesi isivumelwano sabo, noma kabili, amazwi abo; bakudonse kube kubili, *kanjalo*. [UMfowethu Branham udabula isiqephu sephepha sibe sibili—Umhl.] Futhi uma behlangana, *lezi* zazifanele zihlangane okwesisila sejuba zifane impela ncamashi. Zazifanele zihlangane, isiqephu ngesiqephu, ngakho kwakungeke kwenziwe umfanekiso wakho. Ngakho ngakhoke siyathola-ke, ukuthi, esifundweni sethu izolo ebusuku, sithole ukuthi uNkulunkulu wenzani ukufakazisa kuAbrahama isivumelwano saKhe.

59 Manje, uAbrahama, isithembiso senziwa kuAbrahama neNzalo yakhe emva kwakhe. Hhayi uAbrahama kuphela, kodwa iNzalo yakhe. Manje, manje, inzalo, inzalo yemvelo ka Abrahama, yayinguIsaka; kodwa iNzalo yokomoya yokukholwa kuka Abrahama, yayinguKristu. Hhayi ngoIsaka, lonke izwe labusiswa; kodwa ngoKristu, iNzalo yobuKhosi, lonke izwe labusiswa, ngokuba Wafela bonke abantu, zonke izizwe nabo bonke abantu.

60 Manje siyabona kulokhu, futhi, kulesisivumelwano, Asikhombisa lapho ukuthi Wayezokwenzani, ukuthi uNkulunkulu wayezomdabula kanjani uKristu Jesu amehlukanise. Nomzimba wavuswa futhi uhlezi ngakwesokunene sikaNkulunkulu nakwesoMkhulu kweliPhezulu, noMoya kaKristu wehliselwa phezu komhlaba.

61 Manje ukuba besinesikhathi, beningakufakazisa lokho. Noma yini, enye ingxenye yomBhalo isho, Ihamba yonke indlela ngeBhayibheli. Uma Ingenjalo, khona-ke ku—kukhona okungalungile. ELidala laliyisithunzi nje seLisha, Lilibikezela. Manje-ke, uma uthola isithunzi, ungasho kahle impela ukuthi eLisha liyini. Ngakho yilapho Ayekhona, ukhona futhi uyobakhona.

62 Manje loMoya kaKristu ubuyela phezu kweBandla, impela ugcwalise uJohane 15 futhi, lapho Athi, "NgingumVini, nina ningamagatsha." Bese kuthi-ke futhi, uJohane 14:12, "Okholwa yiMi, imisebenzi eNgiyenzayo mina naye uyakuyenza," imisebenzi efanayo, into efanayo. Kwehle njalo ngomBhalo! "Uma nihlala kiMi, neZwi laMi likini; celani enikuthandayo, niyakuphiwa khona." Izinto eziningi uKristu . . .

63 "Kuseyisikhashana izwe lingabe lisaNgibona. I*zwe*," lapho igama lesiGreki lithi *kosmos*, okuchaza *isimo sezwe*, "lingabe lisaNgibona. Nokho niyoNgibona nina, ngokuba Ngi," u *Ngi* eyisabizwana somuntu, "Ngiyakuba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe," kwenza uJesu Kristu abenguyena izolo, namuhla, naphakade. U—U—Uhlale enguye. Wavuka kwabafileyo. "Izwe, ongakholwayo, akayikuNgibona." AbayikuLivuma. Kodwa okholwayo uyoMvuma, ngoba

UnguJesu ofanayo Ayelokhu enguye njalo. Akakaguquki. "Nguyena izolo, namuhla, naphakade!"

64 Futhi manje, futhi leloZwi, abantu abaningi uzama ukwenza leLo kube sengathi aLiphefumulelwe. Manje, ngifuna ukusho into ethize lapha manje, ifika nje phezu komqondo wami.

65 Futhi angikholwa ukuthi ipulpiti lenzelwe indawo yamahlaya. Lena akusiyo indawo yokwenzela amahlaya. Lobu ngubuqotho. Futhi njengoba sibona uSuku lweNkosi lubonakala, sifanele sibeqotho kakhulu kangako.

66 Kodwa kwakukhona i—indaba engaxoxelwa yona, esikhathini esithize esedlule, ngo—ngomfo osemncane o... Lokhu kwakuseBoston, futhi wahamba. Wayekade enomama onomoya omuhle, kuqala, ukuqala indaba, nomama ngempela wayazi ukuthi umfana wakhe wayenobizo empilweni yakhe, ukuba akhonze iNkosi. Nalokho bekunga—lokho bekungasiza noma yimuphi umama, kufanele, noma yimuphi umama wangempela, ukwazi ukuthi indodana yabo...ukuthi uNkulunkulu ubahloniphile ngomntwana ozoshumayela iVangeli. Lokho bekufanele kube yingcebo kunoma iyiphi impilo kamama. Futhi ngakho umama ompofu, ezama ukwenza konke ayengakwenza, wamthumela esikoleni, nasekholiji, ukuba athole uBA wakhe—wakhe.

67 Futhi ngakho ngenkathi engekho, umama wathatha wagula kakhulu. Futhi ngakho yena, njengoba noma yimuphi umKristu engenza, babiza udokotela. Nodokotela...Wayenenyumoniya ephindwe kabili. Nodokotela wazama konke ayengamenzela khona, uku—ukuhlola inyumoniya, futhi kwakungekho lutho. Wayemnike izidambisa zinhlungu ze—zesalfa, ipenisilini, kanjalo njalo, uku—ukubulala igciwane, futhi akusebenzanga. Umama waya ngokuba mubi, njalo njalo. Ngakho bathumela izwi endodaneni yakhe, eyayisezansi le eAsbury, eKentucky, eWilmore Kholiji, ukuba eze futhi avaka-...ambone ngoba wayezofa. Kwase kuthi-ke ngokusa okulandelayo, ngenkathi umfana eselungela ukusuka, bathola ithelegramu, "Unyoko usengcono kakhulu. Lindela olunye ucingo."

68 Cishe sekungunyaka kamuva, owesifazane waba nenhlanhla yokubona indodana yakhe. Yabuyela ekhaya ngeholide nesikhathi sokuphuma esikoleni sayo. Yayisithi, "Mama, ngezwa ukuthi wasinda," emva kokuba sebenesikhashana senhlanganyelo, njengoba indodana nomama bengaba naso. Yathi, "A—angizange ngiqonde nje ukuthi udokotela washintsha siphi isidambisa zinhlungu, ukubangela izimo zakho—zakho ukuba zibe ngcono ngokushesha okukhulu."

69 Wayesethi, "Ndodana, kwa—kwakungesikho lokho." Wathi, "Uyazi lapho leyomishini encane ekhona ezansi nomgwaqo lapha, labo bantu ezansi lapho a..."

Yathi, "Yebo, ngiyayikhumbula leyo."

70 Wathi, "Kunenenekazi elathi lezwa liholeleka ukuba lenyukele lapha futhi lingicele ukuthi umelusi angeza yini azongikhulekela. Futhi ngakho ngalitshela ukuthi kwakulungile." Ngakho wathi, "Umelusi uyenyuka wayesekufunda eBhayibhelini, 'Uma ekhona phakathi kwenu, ogulayo, makabize amalunga, futhi abagcobe ngamafutha; abakhulekele. Umkhuleko wokukholwa uyakumsindisa ogulayo.'" Wayesethi, "Uyazi, wafunda lokho emBhalweni, wayesengikhulekela wayesengigcoba ngamafutha. Futhi—futhi ngokusa okulandelayo, ngangingcono kakhulu impela udokotela waze wangihlalisa ngezinqe. Ezinsukwini ezithi azibe mbili ngase ngiphilile." Awu, yathi . . . Wathi, "O, ayibongwe iNkosi!" Wathi, "Ndodana, ubufanele . . . "

71 Yathi, "Mama, usuqala ukuziphathisa okwalabo bantu." Yathi, "Lalela, mama." Yathi, "Sifundile enhla esikoleni ukuthi lapho afunda khona lapho, umBhalo wesibili awufunda wawukuMarku 16, lapho, 'Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. Bayakubeka izandla phezu kwabagulayo futhi bayakusinda.'" Yathi, "Safunda enhla lapho esikoleni ukuthi uMarku 16, kusukela evesini 9 kuqhubeke, akaphefumulelwe." Yathi, "Uyabo, labobantu abayi esikoleni, iningi labo ezansi lapho. Abafundile, baluhlobo lwabantu abangakwazi ukufunda nokubhala." Yathi, "Ba—basho kahle, akungabazeki." Kodwa yathi, "Safunda esikoleni ukuthi, kusukela evesini 9 kuqhubeke, lokho kwenezelwa nje, mhlampe yiVatican noma okuthize, kodwa," yathi, "ngenxa yokuthi leyongxenye ayiphefumulelwe."

72 Umama omncane wadedela omkhulukazi u, "Haleluya!" Futhi ngakho wathi . . .

Yathi, "Mama! Awu, yini ekwenza usho lokho na?"

73 Wathi, "Bengicabanga nje, ndodana, uma uNkulunkulu akwazi ukungiphilisa ngeZwi elingaphefumulelwe, Wayengenzani ngempela ngaLelo eliphefumulelwe ngempela na?"

74 Ngakho—ngakho ezinjalo zezinye izithembiso. "Celani noma yini eGameni laMi, Ngiyakukwenza." "Uma uthi kulentaba, 'Nqukuleka,' futhi ungangabazi enhliziyweni yakho, kodwa ukholwe ukuthi okushiloyo kuzofezeka, ungaba nakho okushiloyo." "Nxa ukhuleka, ukholwe ukuthi uyakwemukela okucelayo, futhi uzakuphiwa khona." Niyabo, Lonke liphefumulelwe, nelincu lalo.

75 Ngenkathi uMorris Reidhead, isifundiswa esikhulu esikahle ngempela, sifika endlini yami. Wemukela umbhaphathizo kaMoya oNgcwele; wawela ngale kwetafula elincane lekhofi endlini. Wathi kimi, wathi, "Mfowethu Branham, ngiyaqonda ukuthi wawuyi—yi . . . UyiBaptisti."

76 Ngase ngithi, "Awu, ngagcotshwa nje, ibandla iMissionary Baptisti, njengomfana; angisonti . . . "

77 Wathi, "Awu, ayini lamaPentecostal ozilazila nawo na?"

Ngathi, "Angabantu nje njengawe nami."

78 Wathi, "Awu, lalela," wathi, "ucabanga ukuthi lowo nguMoya oNgcwele anawo na?"

Ngathi, "Impela."

Wathi, "Kungani konke ukukhahlela nokugxoba nokumpongoloza na?"

79 Ngathi, "Awu, afanele asifuthe isitimu siphume ngekhwela. Uma engasisebenzisi, enza amasondo ahambe." Ngathi, "Uwathola—thola njalo nje ukuba afunde ukuthi konke kumayelana nani, esikhundleni nje sokukufutha kuphume ngaleyondlela. Akusebenzise, ukukholwa, phandle emgwaqeni, ezama ukungenisa abantu, ukuba bangene eMbusweni kaNkulunkulu."

80 Wayesethi, "Awu, ngiwabonile ekwenza konke lokho." Wathi, "Ngizokutshela ukuthi kungani ngilapha." Wathi, "Umfana onomoya okahle waseNdiya," wathi, "wathola imfundo yakhe nesikole." Wathi, "Mina, ngenkathi ngiya elivini, ngimyisa endizeni, ukuba ngimbeke endizeni, ukuba ngiqale ukumbuyisela phesheya kwezilwandle, ngathi kuye, ngathi, 'Ndodana, manje usunayo imfundo yakho, ubuyela kubantu bakini . . .'" Ngicabanga ukuthi wayeyifundela i . . . angi . . . ngicabanga ukuthi ezikagesi.

81 Wayesethi-ke, wathi, ngenkathi eqala ukubuyela emuva, wathi, "Yini unga re- . . . shiya lowomprofethi ofile omdala, uMohamede, bese uthola uJesu Kristu wangempela ovukileyo enhliziyweni yakho na?"

Wayesethi, "Mnumzane, ngifuna ukukubuza okuthize."

82 Manje khumbulani, lona ngovela kwesinye sezikole zeBhayibheli ezinkulu kunazo zonke, izikole eziqavile, lomfo wayengomunye wothisha wazo.

83 Wathi, "Ubengangenzelani uJesu wakho noma yini edlula okungenziwa ngumprofethi wami na?"

84 Wathi, "Awu," wathi, "uJesu wami angakupha ukuPhila okuPhakade."

85 Wathi, "He, iKurani ithembisa into efanayo." IKurani iyiBhayibheli likaMohamede, uyazi. Wathi, "Ithembisa into efanayo."

Wathi, "Awu," wathi, "ya, ngi . . . "

86 Wathi, "Uyazi, iKurani ayithembisanga lutho. UMohamede akethembisanga lutho kodwa—kodwa ukuphila emva kokufa." Wathi, "UJesu wethembisa nina befundisi, ukuthi, 'Lezizibonakaliso nezimanga ziyolandela.'" Wathi, "Yilokho uJesu akusho." Wayesethi, "Silindele ukubona lokho kwenziwa, sibone nina befundisi nikuveza." Kucabangeni!

87 Wathi kimi, "Ngayo leyonkathi," wathi, "Ngaqonda ukuthi ngangingadibananga nomfana wobusuku. Futhi ngiyazi... Lowo owayazi ukuthi wayekhuluma ngani." Ngahle ukuba wayedlala. Kodwa leyo yindlela enhle yokukwenza, ake udedele isitha sigxumele kuwe kanye kanjalo khona-ke awazi ukuthi uye kuphi. Niyabo? Ngakho wathi, "Ngaqonda ukuthi lowo kwakungesuye umfana wobusuku."

88 Futhi wathi—wathi, "Awu, manje buka lapha. UJesu uvukile kwabafileyo."

89 Wathi, "Uvukile?" Wathi, "Senibe neminyaka eyizinkulungwane ezimbili ukukufakazisa, futhi akulukhuni ukuthi okubili kokuthathu komhlaba akukaze kuzwe ngaYe. Manje yini indaba ngani bantu na?" Wathi, "Ake uMohamede avuke kwabafileyo, nomhlaba wonke ubuyokwazi ngamahora angamashumi amabili nane." Futhi kunjalo.

90 Niyabo, banehashi elimi ethuneni lakhe. Ngike ngalibona lapho. Bashintsha abaqaphi cishe njalo emahoreni amane, bembheke ukuba avuke, namanje. Emfanekisweni lapho, eza egibele ihashi elimhlophe, niyabo, ukuba anqobe izwe.

91 Futhi ngakho wathi, "Ake—ake avuke kwabafileyo, nomhlaba wonke uyokwazi."

92 Wathi, "Awu, uJesu wavuka kwabafileyo." Wathi, "Umprofethi wenu usethuneni."

Wathi, "Wazi kanjani ukuthi Wavuka kwabafileyo na?"

Uthisha wathi, "Usenhliziyweni yami."

Wathi, "UMohamede usenhliziyweni yami, futhi, mnumzane."

Wathi, "Kodwa nginokujabula nokuthula."

93 Wathi, "Mnumzane, ubuMohamede bungaveza nje impela isayense ephathelene nokusebenza kwengqondo njengoba kungenza ubuKristu." Futhi bayakwenza. Uboke ubezwe bememeza futhi bedazuluka. Kunjalo. "Buveze eningi nje impela isayense ephathelene nokusebenza kwengqondo njengoba kungenza ubuKristu." Wathi, "Awu, uqonde ukuthini ngenkathi uthi uJesu wethembisa zonke lezizinto kini na?" Wathi, "Ngicabanga ukuthi ubhekisele kuMarku 16 na?"

Wathi, "Yebo, lokho ngokunye kwakho. Hhayi konke nya, kodwa lokho yikho."

94 "UJesu wathi, amaZwi okugcina Awasho eBandleni laKhe, 'Hambani niye ezweni lonke, niyabo, futhi nishumayele iVangeli, nalezizibonakaliso ziyakumlandela okholwayo.' Kuze kube nini na? 'Izwe lonke; konke okudaliweyo. Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda.' AmaZwi okugcina Awasho, ngokomBhalo wenu."

95 Wathi, "Awu, uyabo," wathi, "lokho nje yi . . ." Wathi, "Uyabo, leyongxenye ayiphefumulelwe." Wathi, "Wayengaqondile lokho ngempela. Lokho kwakunga . . ."

96 Wathi, "Akuphefumulelwe na?" Wathi, "Nhloboni yeNcwadi oyifundayo na?" Wathi, "Yonke iKurani iphefumulelwe." Mm! Kungukwehlulwa kobuthakathaka besayense yezenkolo, isayense yezenkolo eyenziwe ngumuntu engenawo u—uMoya wokusukuma futhi ibhekane nento.

97 Njengabantwana bamaHeberu bathi, "UNkulunkulu wethu unamandla ukusikhulula kulesisithando somlilo, kepha nokho asizukukhothama kulesisithombe." Sidinga abantu abanesibindi. Umuntu omkholiwe uNkulunkulu ubelokhu njalo enesibindi futhi wakholelwa kokungaphezu kwemvelo. Umuntu omkholwayo uNkulunkulu!

98 UMnu. Reidhead wathi, "Ngakhahlela iphansi lendlu, Mfowethu Branham, ngakhahlela uthuli ka*njalo*, futhi angikwazanga ukuyiphendula indoda." Wathi, "Ngahlosa enhliziyweni yami ukuba ngize ngizokubona emva kwalokho, futhi ngibuze ukuthi konke lokhu kwakumayelana nani." Wayesethi, "Ngilapha." Wathi, "Uma uMoya oNgcwele . . ."

99 Wathi, "Mfowethu Branham, umama wami wangithumela esikoleni." Wayesethi, "Mina, ngenkathi ngithola uBA wami, ngacabanga ukuthi nakho impela . . ."

Ngathi, "Ngiyazi ukuthi uqonde ukuthini."

100 Wathi, "Kwathi-ke ngelinye ilanga ngathola uBA wami, ngacabanga ukuthi khona lapho ngangiyothola uKristu. Wayengekho lapho ngenkathi ngithola iSiqu sami sobuDokotela." Wathi, "Ngineziqu ezenele, iziqu zokuhlonishwa, ukuplastela ngazo izindonga zakho, futhi uphi uKristu kukho konke okwakho na?"

101 Ngathi, "Ngingubani mina ukuba ngithi othisha banephutha na? Kodwa lokho akusikho esixoxa ngakho. NguMuntu, uKristu, ofanele umazi."

102 Manje indoda ibambe imikhankaso emikhulu ndawo zonke. NoDokotela Lee Vayle lapho, umngani wami olungileyo, ungumngani wakhe, futhi. Futhi unempumelelo enkulu, ekhulekela abagulayo futhi ebambe imikhankaso emikhulukazi nayoyonke into. Yingoba leyondoda yakholwa.

103 Manje, niyabo, uMoya owawukuKristu, umzimba, uJesu owayenguNkulunkulu, uEmanuweli. UMoya oNgcwele, uNkulunkulu, wehla ekuKristu, futhi Wenziwa u "Nkulunkulu enathi." Kwase kuthi-ke Wa . . . Lokho kwakungukuba asihlenge; iGazi laKhe lachithwa.

104 Manje, eTestamenteni eLidala, uma umkhonzi efika futhi wabeka izandla zakhe phezu komnikelo wakhe, futhi wanquma umqala we . . . umpristi wakwenza, noma wahlabela.

Umkhonzi wayebamba umhlatshelo ngezandla zakhe, futhi ezwa u—ukudabuka kwenyama, newundlu elincane lifa; uvolo walo omncane ubhukuda ngegazi lalo, kuzozonke izandla zekholwa, kanjalonjalo, ubanjwe oqwembeni, ukuba ushiselwe phezu kwalapho ealtare. Okholwayo wayeqonda ukuthi wayefanele abe nguye ofela lesosono, kodwa iwundlu lalifa endaweni yakhe. Manje, kodwa ukuphila okwakukulelogazi, kwakungenakubuyela kumkhonzi, ngoba kwakuyigazi lesilwane, elingenamphefumulo. Kodwa e. . . Ngakho-ke kwakukhona ukukhunjulwa kwesono, njalonjalo.

105 Kodwa, manje, uJesu enguEmanuweli, khona-ke ukuPhila kukaNkulunkulu kwakukuYe, nalokho kuyabuya; hhayi ukuPhila komuntu kuphela, kodwa uNkulunkulu qobo lwaKhe, esimweni sikaMoya oNgcwele, uyabuya futhi anenze amadodana namadodakazi kaNkulunkulu. Khona-ke ningamadodana namadodakazi. Bese kuthi-ke uma uzwa ukudatshulwa, nosizi nesijeziso uJesu edlula kukho, ebhinqwa, inkonzo yaKhe yayibizwa ngomsebenzi kadeveli, "uBelzabule," futhi kwahlekiswa ngaye, futhi wahlekwa usulu, ngabaholi bezenkolo, futhi wenqatshwa. "Weza kwabaKhe uQobo; abaKhe uQobo abaMemukelanga." Nezinto Edlula nazo! Bese-ke kuba ngukuthi wanikela ngokuphila kwaKhe esiphambanweni, ukuhlenga lowo uNkulunkulu ayemazi ngaphambili. Ahlenge; akubuyisele endaweni lapho o—okwawa khona. Manje-ke, uNkulunkulu wakwenza lokho ukuze abuyisele uMoya oNgcwele phezu kweBandla manje, ukuthi Li. . . abantu, abakholwayo. Kungokwabakholwayo kuphela.

106 Akusikho okwabangakholwayo. Abasoze bakubona. Bafile, kwasekuqaleni.

107 Bukani labobaFarisi ngenkathi bebone uJesu enza sona impela isibonakaliso esasifanele sibe isibonakaliso sobuMesiya.

108 Bukani uPetru, wasikholwa manje. NoNatanayeli wasikholwa khona manje. Owesifazane emthonjeni wasikholwa; uBartimewu impumputhe. Bonke labo abasemukelayo, bayasikholwa.

109 Kodwa labobaholi bama lapho base bethi, "NguBelzabule, umoya omubi, uhlobo oluthize lwehlaya ngokukhohlisa noma icebo lokuphamba."

110 UJesu wathi, "Nisho lokho ngokumelana naMi, Ngiyonithethelela," umhlatshelo wawungakenziwa, "kodwa nxa uMoya oNgcwele esefika ukwenza into efanayo, izwi elilodwa elimelene naYe alisoze lathethelelwa kulelizwe nasezweni elizayo."

111 Abakukholwanga ngani na? UJesu wathi "Nina ningabakayihlo udeveli, futhi niyokwenza imisebenzi yakhe." Lokho kunjalo.

112 Ukukholwa iZwi, kungukwemukela iZwi futhi Libe ngukuPhila. Manje, uNkulunkulu ekhombisa lapho ukuthi Wayesiqinisa kanjani lesisivumelwano. Sizofanele sibe ngaleyondlela. IBandla! Hhayi inhlangano, hhayi ihlelo; kodwa umuntu ngamunye noNkulunkulu uzofanele abe nguMoya ofanayo. Leyo yinhloso kaNkulunkulu, ekuqaleni.

113 UAdamu noEva kwakungumoya ofanayo. IBhayibheli lasho kuGenesisi, ku 1:27, "Ngomfanekiso kaNkulunkulu . . . " UNkulunkulu unguMoya. "Ngomfanekiso kaNkulunkulu Wamdala; owesilisa nowesifazane Wabadala," ngesimo sikamoya owawukuNkulunkulu. Futhi uAdamu wayezonakekela i—izwe, njengoMoya oNgcwele nje ufanele uhole iBandla manje. Futhi, nokho, umuntu wayengekho enyameni, futhi wayeyikho kokubili ubudoda kanti futhi wayengubufazane, ngoba ngumoya ofanayo.

114 Kwase-ke uNkulunkulu edala umuntu ngothuli lomhlabathi, futhi wamenza ngesimo sesilwane. Okungukuthi, manje siyisilwane, siyazi. Si—siyisilwane esincelisayo. Naleso yisilwane esigazi lifudumele, futhi sikulowomfanekiso wempilo yesilwane.

115 Kwase kuthi-ke uNkulunkulu wathatha ubambo kuAdamu, hhayi i . . . Owesifazane ungumkhiqizo ovele kamuva kowesilisa, hhayi ncamashi kokudaliweyo kwasekuqaleni. Wathatha ubambo. Wehlukanisa okomzimba, wayesethatha umoya wobufazane kuAdamu wayesewufaka kuEva. Kwaba khona owesilisa nowesifazane.

116 Futhi uma bephuma kulezozindawo, baphumile esimweni sabo esifanele. Kunempendukezelo ndawondawo. Uma owesifazane efuna ukuba ubudoda, noma o—noma o—noma owesilisa efuna ukuziphathisa okobufazane, kukhona okungalungile ndawondawo. Baphumile ezimweni zabo ezifaneleyo.

117 Siyakuqaphela kuRebeka no—noIsaka, bengububuhlobo babo uqobo begazi, niyabo, kodwa manje lokho kwakufanekisa inzalo yangokwemvelo kaIsrayeli. Kodwa, ngokukholwa, uKristu ufika enkundleni, okungekho kokwemvelo.

118 Njengoba lwalukhona uphawu, igazi emnyango wensika, ezansi eGibhithe. Akunandaba ukuthi babesokwe kangakanani, ukuthi babenaso kangakanani isivumelwano, uphawu lwalumele lukhonjiswe kungenjalo isivumelwano sasichithwa. Impela. "Nxa Ngibona igazi, Ngiyakudlula kini."

119 Manje uphawu alusilo iGazi; lungukuPhila okwakuseGazini, uMoya oNgcwele. Futhi lokho yi . . . Angikhathali ukuthi ungowenkolo kanjani; ngaphandle uma umukele uMoya oNgcwele, uzobhubha. Yileyondlela kuphela. Awukho omunye umBhalo wokwenza noma yini, lowo wodwa kuphela. "Ningamdabukisi uMoya oNgcwele kaNkulunkulu enibekwa

uphawu ngaye kuze kube lusuku lokuhlengwa kwenu," Efesu 4:30.

120 Qaphelani manje, siyabuya, manje-ke lokho kukhombisa ukuthi uAdamu noEva babemunye, kwasekuqaleni. Indoda nomfazi ufanele ukuba babelokhu bemunye.

121 Manje, kodwa ngenkathi behlukana, ngaleyonkathi, bengena enyameni, kwakulapho uEva awa khona. Wawa! Ngani? Ngokulikholwa ngokungesikho iZwi, yonke imikhakha yaLo. Abanye abantu bangathatha ingxenye eyodwa yeZwi, kodwa hhayi lonke. Lifanele lonke libe lapho. Niyabo? Niyabo? Wangabaza nje umkhakha owodwa waLo. Futhi uma konke lokhu ukugula nenkathazo esesibenakho manje kufika ngowesifazane oyedwa engabaza umkhakha owodwa waLo, sizobuyisela kanjani noma yini kunokuLikholwa lonke, futhi siLemukela lonke na? Lokho kwakungokwabo . . . Baqiniswa yileloZwi. Ngenkathi behlukana, bengena enyameni, bawa. Wawa, ngeZwi. Yena . . . Bhekisisani, wafunani na?

122 Abantu abaningi nje kakhulu namhlanje, bafuna engcono, indlela yesitayela, indlela elula kakhulu. Abafuni ukubhekana nento ebekwe phambi kwabo. Uma benza, bayakhishwa enhlanganweni yabo, baxoshwe esontweni, kucatshwanga kancane ngabo.

123 Anazi yini, ukuthi, "Bonke abantu bayakukhuluma okubi ngani, ngamanga, ngenxa yaMi. Jabulani futhi nithokoze kakhulu, ngokuba mkhulu umvuzo wenu eZulwini, ngokuba babahlupha kanjalo abaprofethi ababengaphambi kwenu. Nabobonke abaphila ngokumesaba uKristu Jesu bayokuhlushwa."

124 Manje yini enye esifuna Ayisho na? Izinkulungwane zamaZwi ebesingawasho, imiBhalo, ephathelene nalokho, ibingasuka kuGenesisi iya eSambulweni.

125 Ukuthi noma yini esinayo namhlanje, yaqala kuGenesisi. Yisahluko sembewu. Konke ukungakholwa nayoyonke into yaqala khona lapha. Ibandla laqala khona lapho. Yonke into yaqala lapho. Kunjengemivini emibili imila, nowodwa uzifanisa nomunye, futhi ikhula ngqo cishe impela ngokufanayo.

126 NjengoMowabi kanti futhi noMose. Nakho kufika uIsrayeli, emncane, kungekho hlelo, kungekho sizwe nhlobo. Futhi babenomhlatshelo ofanayo lapha kwaMowabi; ihlelo elihle, zonke izikhulu zabo ziphuma, zanikela ngomhlatshelo ofanayo. Zizama uku . . . Umbhishobhi wazo enhla lapho, uBalami, wehlela ukuqalekisa lokho uNkulunkulu ayekubusisile. Bacabanga, "Lababantu abangamambuka! Abanalo ngisho nekhaya eliyibandla, njengoba kwakunjalo. Bayizinzulane nje ezizulazulayo."

127 Wayesethi, "Kodwa behluleka ukuzwa leyonhlokomo yeNkosi ekamu. Wehluleka ukubona lokho kuphilisa

ngokukaNkulunkulu kuyongena lapho, ngalenyoka enobuqili. NeDwala elishayiwe, ukubanika ukuphila! Inhlokomo yeNkosi ekamu!"

128 Wehluleka ukubona Lokho, lowombhishobhi ophuphuthekile. Kodwa nokho, ngokuqavile, wayeqinisile impela nje njengoba uMose wayenjalo; ama altare ayisikhombisa, umhlatshelo oyisikhombisa, wanikela ngisho nangenqama, kukhuluma ngokufika kukaKristu.

129 Kodwa uNkulunkulu akadingi muntu ukuba aMhumushe. Ungumhumushi waKhe Yena. Wenza isithembiso, bese-ke Esifezekisa, nalokho kungukuhunyushwa kwaso. Akekho ofanele asihumushe. UNkulunkulu akaceli muntu. "IBhayibheli alichasiswa ngumuntu ngokwakhe." Wonke umuntu ezama ukuthi athi Lichaza *lokhu*, *lokho*. UNkulunkulu akazikhulumele Yena. NguYe okwenzayo. Wenza isithembiso; Uma emva kwaso. Uyenza, kwabakholwayo.

130 Kodwa abangakholwayo abemukeli lutho. Akusikho okwabo. Bafile, kwasekuqaleni. Abazange ngisho bamelwe. Akukho lutho olukubo. Bangamakhasi afile. Anifuni ukubanjalo.

"Gcwaliswani ngoMoya!"

131 Qaphelani, Wehlukanisa uEva noAdamu, futhi wawa. UAdamu wahamba naye. Manje, "UAdamu akakhohliswanga." UEva wakhohliswa. Kodwa uAdamu, uAdamu wokuqala, wayeyindodana kaNkulunkulu naye. Futhi waphuma ngenxa yothando lukaEva, ukuzama ukumbuyisa, ngoba wayemthanda.

132 UKristu wenza into efanayo, ukuMhlenga abuye. Kukuphi na? IZwi. Yini eyabangela ukuwa na? IZwi, ukukholwa iZwi ngokungesikho, lonke iZwi. NoKristu uyafika ukuze Abe ngomunye wethu, ukuPhila kwaKhe kithi, ukuqhuba iZwi. "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama wakha phakathi kwethu. Onguyena izolo, namuhla, naphakade." UNkulunkulu ofanayo! Kungakho Efika, ukuzokwenza lokho.

133 Manje siyathola, ekuqiniseni, usihlenga asibuyisele kuYe uqobo, uhlenga abantwana abaphiyazayo abadukele phandle kulamakhaza ezidumbu; futhi babuyele eZwini futhi, babuyele eZwini elikhonjiwe!

134 Manje lawomaJuda, ngenkathi uJesu efika, ayengathi, "SineZwi. SineZwi. *Nakhu* uMose akusho. Singabafundi bakaMose." UJesu, eneminyaka eyishumi nambili kuphela ubudala, ephikisana nawo. Kwase kuthi-ke ngenkathi . . . Niyabo, yilokho-ke umuntu akwenzayo kuLo.

135 Kodwa uJesu wathi, "Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, khona-ke ningaNgikholwa. Ngokuba, imisebenzi uBaba aNgiphe yona ukuba ngiyenze, iyafakaza ukuthi NginguBani."

136 Ubani? Noma yiyiphi indoda ethunywe nguNkulunkulu, uNkulunkulu uyafakaza emisebenzini Ayigcobele ukuba iyenze. Uma kungakwenzi, umBhalo ungakweseki, kuyeke kanjalo.

137 Ngisho naseTestamenteni eLidala, babenendlela yokwazi ukuthi ngabe kwakuyiqiniso yini noma qha. Babebehlisa, umphuphi, noma—noma oprofethayo, noma ngabe kwabe kungubani, babebahlisela kwi Urimi Thumimi. Lokho kwakungukuKhanya okungaphezu kwemvelo.

138 UNkulunkulu njalo ungongaphezu kokwemvelo, usebenza ngokungaphezu kwemvelo. Inqobo nje uma kukhona uNkulunkulu lapho, kunokungaphezu kwemvelo, uma kunguJehova uNkulunkulu.

139 Futhi, ngenkathi, akunandaba ukuthi iphupho lizwakala kahle kanjani, uma lingabonisanga phezu kwaleyo Urimi Thumimi, khona-ke laliyiphutha.

140 Manje ubupristi obudala bukaAroni sebaphela, kodwa sisenayo iUrimi Thumimi. Lesi yisambulo sikaJesu Kristu, siMembula kuleliZwi. Futhi noma yini ephambene naleloZwi ayisuye uNkulunkulu; ephambene naLo. Kodwa uNkulunkulu Uyazikhulumela. Uzibandakanya Yena uqobo neZwi laKhe.

Yilapho uJesu ehlula khona uSathane. "Kulotshiwe . . ."

141 Manje-ke nakhu kubuya uSathane, futhi wabhakuza wangena futhi. Wathi, "Yebo, kulotshiwe futhi . . ." Kodwa ngalesosikhathi, ngenkathi efika, wazithela e—emandleni kagesi anzima. Ngalesosikhathi ayobula amaphiko akhe. Wagxuma wehla lapho, ngaleyonkathi.

142 Wathi, "Kulotshiwe, 'Akusinkwa sodwa umuntu ayakuphila ngaso, kodwa ngamaZwi onke aphuma emlonyeni kaNkulunkulu.' Buyela emva kwaMi, Sathane!" Niyabo?

143 Qaphelani ukuthi kwenzekani. UNkulunkulu ubehlala njalo ezikhomba Yena uqobo ngeZwi laKhe elithenjisiwe. Manje uma lababaFarisi babebuke emuva ngqo, uMose wathi, "INkosi uNkulunkulu wenu iyakuvusa umProfethi onjengami." Lokho kwakusemBhalweni.

144 Kodwa akumangalisi uJesu abonga uBaba, wathi, "NgiyaKubonga, Baba, Ukufihlile Lokhu emehlweni abahlakaniphile nabanokuqonda, waKwembula ezinganeni zona eziyofunda."

145 Ngenkathi Ethi kuPetru ngalolosuku, ngenkathi behla. Ngenkathi Ethi, "Umuntu uthi Ngingubani iNdodana yomuntu na?"

146 "Omunye wabo wathi Wena ungu 'Eliyase,' nomunye wathi Wena ungu 'Mose,' kanjalonjalo."

Wathi, "Kodwa lowo akusiwo umbuzo. Ngibuze nina."

Wathi, "Wena unguKristu, iNdodana kaNkulunkulu ophilayo."

147 Wathi, "Ubusisiwe Simoni, ndodana kaJonase, inyama negazi akukwembulanga neze lokhu kuwe. Awuzange ukufunde ekholiji, akukho muntu owakufundisa khona, kodwa yisambulo." O, he! "Phezu kwalelidwala Ngiyakulakha iBandla laMi, namasango asehayidese awayikuLahlula," isambulo, noma ukukhonjwa kukaJesu Kristu.

Wathi, "Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, ningaNgikholwa."

148 Manje asihambe siqhubeke. SiMthola . . . Manje asiye esahlukweni 17. SiMthola lapha esahlukweni 17, lapho Abonakala khona kuAbrahama emva kokuqiniswa kwalokhu, ekhombisa ukuthi Wayezokwenzani.

149 Futhi manje, khumbulani, uMoya uyafika phezu . . . NoMoya oseBandleni, iBandla langempela, iBandla leqiniso, iBandla likaNkulunkulu, abantu bakaNkulunkulu; uMoya okubo, uku, uMoya ofanayo ukuKristu, nesithembiso, "Imisebenzi eNgiyenzayo mina nani niyakuyenza."

150 Khumbulani, ngesinye isikhathi ekubethelweni, ngaphambi kwakho nje, babeka indwangu bayizungezisa ubuso baKhe, futhi baMshaya ekhanda, ngomhlanga, bathi, "Manje uma UyiNdodana kaNkulunkulu, ku . . . Ungu—Ungumprofethi, bayangitshela. Profetha, mprofethi!" Bedlulisa induku, "Sitshele ukuthi ubani oKushayile." Niyambona lowodeveli na? Niyabo?

151 Wathi, "Ngiyaqonda ukuthi Ungumenzi wezimangaliso ezinkulu. Phendula lamatshe abe yizinkwa. AngiKubone ukwenza. Ngizo—ngizo—ngizoKukholwa uma Uzokwenza kanjalo, phendula lamatshe abe yizinkwa. Ngizokholwa. Ngizokwenza."

152 Indoda yangitshela kungekudala, yathi, "Uma ungaveza umuntu oyedwa ophilisiwe, enesitatimende sikadokotela!"

153 Ngathi, "O, bakithi, ndoda, thula. Bakithi!" Ngathi, "Ngizoletha odokotela ngamakhulu."

Wathi, "Nginamadola ayinkulungwane akulindele, uma ukwenza."

154 Futhi ngaletha odokotela, nezehlakalo. Wathi, "Awu, imali ise . . ."

155 Ngathi, "Ngifuna leyomali okomnikelo wemishini." Futhi wathi . . . "Ngithumele omunye umuntu okholwa iVangeli, phesheya kwezilwandle."

156 Wathi, "Awu, angithathe intombazane encane, nami nabazalwane bami sime ngokuzungeza, futhi sizosika isandla

sayo, bese-ke usiphilisa khona lapha phambi kwethu, futhi sizokukholwa."

157 Ngathi, "Udinga ukuphiliswa kwengqondo." Kunjalo impela. Indoda ikhwelwe yidemoni kakhulu!

158 Yena lowo ofanayo wathi, "Uma UyiNdodana kaNkulunkulu, uma Uyiyo, yehla esiphambanweni." O, lapho lona impela iBhayibheli lathi Wafanele alenge esiphambanweni!

159 UKayafase wathi, "Wasindisa abanye; Yena Angezisindise." Engazi ukuthi khona ku, kodwa ukutusa okukhulu kunakho konke okwake kwaMkhokhela. Ukuba Wazisindisa Yena, Wayengeke abasindise abanye. Wafanele azinikele Yena.

160 Impela, Wayemazi oMshayile, kodwa Akahlekiseli udeveli. UNkulunkulu akasiye umhlekisi. Akahlekiseli udeveli. Imisebenzi yaKhe ithunyelwa labo abakholwayo, hhayi ukuhlekisi ngayo.

161 Qaphelani, Wabonakala kuye lapha ngenkathi eneminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye nesishayagalolunye ubudala, futhi Wabonakala kuye ngegama likaNkulunkulu uSomandla. Igama lapho, ngesiHeberu, u *El Shadayi*.

162 Manje, uNkulunkulu unenhlanganisela yawayisikhombisa, amagama okuhlenga. Siyakwazi lokho. Futhi ungewahlukanise noKristu. Ungewehlukanise. UKristu wahlangabezana nawo onke alezonhlanganisela, amagama okuhlenga. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Yena, niyakholwa ukuthi UnguJehova-Jira, "umhlatshelo ohlinzekwe yiNkosi"? ["Amen."] Manje-ke kuthiwani ngo*Jehova-Rafa*, "iNkosi iphilisa zonke izifo zenu"? ["Amen."] Futhi uma lokho kwakungabhekisiwe kuKristu, khona-ke Wayengesuye uJehova-Jira. Ngakho ungeke wakwehlukanisa, yonke into ithandelekile, futhi nakho lapho okhona. Ngeke Aba nguJehova-Rafa ngaphandle kokuba nguJehova-Jira, kanjalo angeke Aba nguJehova-Jira ngaphandle kokuba nguJehova-Rafa. "Yalinyazwa ngeziphambeko zethu, ngemivimbo yaYo siphilisiwe thina." Akukho mpikiswano ngaLokho.

163 Manje siyathola lapha, Ubonakala ngegama lika El *Shadayi*, "uSomandla." I. . . Ngempela, igama, igama lesiHeberu u*shad*, s-h-a-d, abanye balibiza ngokuthi "shade." *Shad* kusho "ibele," njengebele lowesifazane. Futhi Wabonakala kuye ngegama lika El Shadayi, elisebuningini, *onamabele*. "NginguNkulunkulu onamaBele. Abrahama, uneminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye-nesishayagalolunye ubudala, hamba phambi kwaMi! Uphelele, ukholwe iZwi laMi! Qhubeka nje ukholwe! Ngethembisa, unamashumi ayisikhombisa-nanhlanu; nakhu, sekube—sekube iminyaka engamashumi amabili-nane manje selokhu Ngakwenzela isithembiso." Futhi i—induduzo enje pho efanele ukuba yayisekhehleni, iminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye-nesishiyagalolunye

ubudala. Namandla akhe onke engasekho, futhi lapha uNkulunkulu uma phambi kwakhe, wathi, "Ngingu El Shadayi. NginguNkulunkulu onamaBele." Amen. "Donsa amandla akho kiMi. Ngingamandla akho."

164 Njenge, njengeTestamente eLisha neLidala, uNkulunkulu onamaBele. "NginguNkulunkulu onamaBele, donsa amandla akho kiMi."

165 Njengengane encane uma igula, itetema; igula, ibuthakathaka, incika ebeleni likanina bese incela ibuyise amandla ayo avela kumama. Ngamany'amazwi, "Abrahama, awulutho kodwa ingane kiMi." Amashumi ayisishiyagalolunye-nesishayagalolunye ubudala, bekungekho isikhathi, impilo yakhe.

166 Khumbulani nje, uJesu wabethelwa, njengayizolo. Iminyaka eyinkulungwane emhlabeni—emhlabeni, iwusuku olulodwa nje kuNkulunkulu. Niyabo, sengathi nje Ubethelwe izolo.

167 Futhi qaphela, "Ngingu El Shadayi. Ungencane, ingane ebuthakathaka. Kodwa ncika esifubeni saMi, isithembiso saMi, futhi uncele kiMi amandla akho. Ngingumdali owalengisa amazulu nomhlaba, ngabeka izinkanyezi ngaleya. Ikhona into okungathiwa inkulu kakhulu kuNkulunkulu na? Ngingu El Shadayi, futhi wena ungumntanaMi. Nakuba ubuthakathaka, futhi Ngikuyeka ube ngaleyondlela ukubona nje ukuthi uzokwenzani ngakho. Ngizokwenza isibonelo sabantu emva kwalokhu, leyondoda izokholwa iZwi laMi. Ngizoma ngaLo. Akunandaba ukuthi kuthathani, ukuthi isikhathi eside kangakanani, Ngizokwenza. Ngizoma ngaLo. El Shadayi! Donsa amandla akho kiMi."

O, wena uthi, "Ukuba bengingakholwa . . . "

168 Usenguye uEl Shadayi. Usenguye uNkulunkulu onamaBele, iTestamente eLisha neLidala. Donsa nje amandla akho kuLo, o, yonke into oyidingayo. Ingane, ayinakuzisiza, izofanele idonse amandla ayo kunina; yileyondlela kuphela engathola ngayo amandla ayo. Yileyondlela kuphela okholwayo angathola amandla akhe ngayo, ngukuwadonsa eZwini likaNkulunkulu. Lawo ngamandla akhe, izithembiso zikaNkulunkulu kuye. Yima ngomumo futhi uLikholwe!

169 Futhi akusiyo yodwa kuphela ingane encane lapha emelweyo uma igula, itetema, umama angayibeka ebeleni lakhe—lakhe, futhi iyahamba iyoncela ibuyise amandla ayo; iyeneliseka ngenkathi incela.

170 Yileyondlela ngomntwana kaNkulunkulu wangempela. Akunandaba ukuthi umnqikazi uthini, noma ngabe ukholwani. Uma uLikholwa ngeqiniso, uJesu angeqambe amanga. Uyeneliseka ukuthi Lembuliwe kuwe. Unaso isithembiso, futhi ayikho into ezosimisa. "Kulelidwala Ngakha iBandla laMi," niyabo, elokomoya, iZwi leQiniso elembuliwe.

171 Usalindile, uphumule ekukholweni kwakho, thatha isithembiso sikaNkulunkulu. "NgiyaKukholwa, Nkosi. Wethembisa ukungipha umbhaphathizo kaMoya. Ngiphumule kokwaKho . . . ekukholweni. Ukukholwa kwami enginakho kuWe, ngidonsa engcebweni yami, okwengcebo yami, e—e . . . yempilo yami, engcebweni yaKho, iZwi.

172 "Akusinkwa sodwa umuntu ayakuphila ngaso, kodwa esifubeni sikaNkulunkulu uyakuncela amandla akhe." Onke amaZwi aphuma emlonyeni kaNkulunkulu, uyakwemukela amandla akhe lapho Evela em—emlonyeni kaNkulunkulu, iZwi.

173 NjengoAbrahama, uAbrahama wayephumule. Manje wayehlale noSara kusukela eseyintombazane e—encane. Kwakungudadewabo uhhafu, futhi wayehlala naye futhi wamshada. Futhi, yena owesilisa, yena owesifazane wayekade ene . . . Wayeyinyumba. Wayengenabantwana. Futhi nangu manje, usevele . . . uma yena owesilisa enamashumi ayisishiyagalolunye- . . . amashumi ayisishiyagalolunye-nesishiyagalolunye. Yena owesifazane unamashumi ayisishiyagalombili-nesishiyagalolunye, iminyaka engamashumi ayisishiyagalombili-nesishiyagalolunye ubudala. "Kodwa, Abrahama, phumula ekukholweni kweZwi laMi. Ngizokwethembisa, Ngizokwenza. Ngingu El Shadayi. NginguNkulunkulu onamaBele abantwana baMi abakholwayo." Uma ungafuni ukuncela, awu, khona-ke ungabe usasho lutho ngakho, uyabo. Kodwa uma ungumntwana, uyancela, uphumule, zonke izithembiso!

174 Qaphelani, ukukholwa kwangempela kuphumula phezu kwedwala eliqinile lesithembiso seZwi likaNkulunkulu. Akugudluki. Ukukholwa kwangempela kugxilise okwehange.

175 Njengasenkanyezini yasenyakatho, inkanyezi yasenyakatho iyisigxobo sokubophela kuwo wonke umnini mkhumbi, inkombandlela imkhombisa kuphela kuleyonkanyezi yasenyakatho. Futhi uNkulunkulu, iZwi, liyinkanyezi yasenyakatho yawo wonke umKristu, uma ulahlekile, noMoya oNgcwele uyilokho okukukhombisa kuLo. Ungeke ukhombe lutho olunye. Zonke ezinye izimfundiso ezigqamileyo, kanjalonjalo, no—nobuKristu buxutshwe kuyo, noma kungaba yini; kufana nezwe, ligudluka, lishintsha lezozinkanyezi, kodwa lingeke lashintsha inkanyezi yasenyakatho. Kanjalo ayikho noma iyiphi into engashintsha iZwi likaNkulunkulu. Gxilisa okwehange kuLo, hlala naLo!

176 Manje, ukukholwa kwangempela akugudluzwa yizivumokholo nezimfundiso ezenziwe ngumuntu, nokungakholwa. Kuhlala neZwi ngqo, ukukholwa kwangempela eZwini.

177 Futhi ungakubekaphi ukukholwa kwakho phezu kwanoma yini enye ngaphandle kweZwi na? Uma uNkulunkulu elishilo,

bambelela ngomunwe wakho kuLo, Lelo liqinisile. Aligudluki. Lidonsa eNcwadini kaNkulunkulu enamabele, iBhayibheli, izingxenye zaKhe—zaKhe ezingahlukaniseki, Akwethembisa. Akwethembisa, lelo yiZwi laKhe. IZwi liziveza Lona. Lizofanele libe ngumcabango ngaphambi kweZwi, bese liba yiZwi-ke; bese-ke iZwi libonakaliswa, futhi yilapho odonsa khona amandla akho—akho. Ukholwa! Ukholwa! Ngokuba uMdali . . . Ukholwa, njengoba Wayenjalo, uMdali owenza izwe.

178 ITestamente eLisha lathi, emuva lapha, "Njengokuba uMose waphakamisa inyoka enobuqili ehlane, kanjalo iNdodana yomuntu imelwe ukuphakanyiswa." Inhloso efanayo. Kwakuyini na? Babengabaza uNkulunkulu, nokugula nenkathazo kwangena. Futhi waphakamisa inyoka enobuqili. Ekwenzelani na? Ekwenzela ukuphiliswa kwabo nokuthethelelwa kwabo. Kwakuyilokho-ke. Nethusi limele ukwahlulela kobuNkulunkulu; noJesu wayeyileyonyoka enobuqili yahlulelwe, kusobala, igama lethusi.

179 Manje, emva kokuba Eseqinise isivumelwano, noma isivumelwano sabonakaliswa kuye, sinika ukukholwa emadodaneni kaNkulunkulu angeqiniso. IZwi linikeza ukukholwa, OnamaBele. Le—lenza okuthize kuwo uma i—iZwi, noma uma isivumelwano sibonakaliswa, sinikeza ukukholwa emadodaneni kaNkulunkulu angeqiniso.

180 Manje siyazi, siyakuqonda lokho, kulokhu, Wayebizwa ngoElohim. Igama futhi, ehumushweni lapha, lichaza ukuthi "Elohim." Ngalibheka nje, ukuqiniseka. Elohim! Futhi u *Elohim* ngo "OWanele Konke." Ungu El Shadayi, uElohim, uNkulunkulu onamaBele, OWanele Konke. Akadingi lutho kumuntu omunye. Ungowakho okwanele konke.

181 Qaphelani, okufanayo kuyafakazelwa lapha, bengiqaphela kulentambama ngisatadisha, kuJobe, uJobe. Ubizwa ngo "Elohim." NoJobe wenziwa insini, kwahlekiswa ngaye; kanjani, isithombe esinje pho namhlanje. Kodwa uJobe wayephumule esithembisweni sikaElohim, "Noma emva kokuba izibungu zesikhumba sibhubhisa lomzimba, nokho enyameni yami ngiyakumbona uNkulunkulu, engiyakumbona uqobo lwami." Ephumule kuElohim, akunendaba ukuthi kufikani.

182 Umkakhe uyafika, wathi, "Ubukeka ulusizi, Jobe." Futhi nakhu kufika abaduduzi bakhe ngapha, "O, uyabona ukuthi kwenzekeni kuwe, mfana omdala na? Ngikutshelile ukuthi ubunephutha, sonke isikhathi. Uyabona ukuthi kwenzekeni na?" Inqwaba yabantu iyathanda ukujikijela kubantu kanjalo.

183 UJobe wayeyindoda edlula onke osuku lwakhe. Indoda edlula onke uNkulunkulu ayenawo emhlabeni kwakunguJobe. Watshela uSathane, "Akekho onjengaye." Amen. "Umqaphele na?"

184 USathane wathi, "Yebo, yonke into imfikela kalula. Bhidliza lolothango lwezithelo futhi umdedele ngibe naye. Ngizomenza aKuthuke ebusweni baKho." Wenze konke ayengakwenza, kodwa akakwazanga.

UJobe waphumula kulesosithembiso.

185 Abafo bayedlula, base bethi, "Manje, manje uphi wonke lowoNkulunkulu obukhuluma ngaye na? Ahha, buka ukuthini, u—uMkholwa ukuthi uyilokhu, buka—buka ukuthi kwenzekani manje."

186 Kodwa wayelokhu ephumule ku El Shadayi, akunandaba ngisho uma amathumba akhe lalimbhidliza nempilo yakhe yayifana nengasekho. Wayehlezi ezaleni, enwaya amathumba akhe.

Umkakhe wathi, "Wena . . . Awumthuki ngani uNkulunkulu ufe na?"

Wathi, "Ukhuluma njengowesifazane oyisiwula." O, he!

187 "INkosi iphile, futhi iNkosi ithathile, malibongwe iGama leNkosi. Ngithembele kuElohim. Noma Ibhubhisa lomzimba, izibungu zesikhumba ziwudla ziwuqeda, nokho enyameni yami ngiyakumbona uNkulunkulu, engiyakumbona mina uqobo lwami; amehlo ami ayakubona futhi kungabi ngomunye." Wavuka, kuMathewu 27, ngenkathi abangcwele bevuka, uyaphuma futhi wangena, kodwa impela . . . wangena emzini. Umfanekiso impela wanamhlanje, nokho kulindiwe, kuthenjelwe esithembisweni.

188 Qaphelani emva kokuba ebonakele ngaleliGama, iGama likaNkulunkulu uSomandla.

189 Manje, bandla, manje singahle nje sithole okuncanyana kwemfundiso lapha, kungathi nje ukusonteka kancane kuwe. Uma ungakukholwa, lokho kukuwe. Silapha nje, ngizokhuluma nje engikucabangayo. Unelungelo lokucabanga ofuna ukukucabanga.

190 Kodwa, qaphelani, kodwa zonke lezizinto zazi "yizifanekiso, izithunzi, nezibonelo," njengoba iBhayibheli lathi zaziyizo. Zonke ziyilokho. Futhi yikho lokhu, UNkulunkulu usebenzana noAbrahama esohambweni, njengoba nje Eyosebenzana neNzalo yobukhosi ka Abrahama isohambweni. Qaphelani, Usebenzana namaJuda ngendlela efanayo. Konke kwaqala phakathi lapho, kulesosithembiso sesivumelwano; izizwe zonke, bonk'abantu.

191 Qaphelani emva kokubonakala ngaleliGama likaNkulunkulu uSomandla. Futhi kwembulwa kuye ukuthi Wayengo OWenele Konke. Wayengenabasizi; Wayengadingi nayimuphi, noma yibaphi onobhala. Wayeyedwa, uNkulunkulu. WayenguNkulunkulu, yedwa. Futhi Wabonakala ku Abrahama ngaleliGama, futhi ngenkathi Ebonakala kuye ngaleliGama,

noAbrahama waqonda ukuthi WayenguBani, Washintsha igama lika Abrahama. Manje usefike ekugcwaleni kokukholwa manje. Niyabona ukuthi iBandla selifikephi na? Ngethemba ukuthi ningayifunda ivaliwe. Kwenyukela endaweni lapho Embule khona kuye ukuthi WayenguBani, Wayese-ke eshintsha igama lika Abrahama ukuze isithembiso sikwazi ukugcwaliseka.

Manje wena uthi, "Akukho lutho egameni."

192 Manje-ke Walishintshelani igama lika Abrahama lisuka kuAbrama liya kuAbrahama na? Walishintshelani igama likaJakobe lisuka ku*Jakobe*, "umqineli," liya ku*Israyeli*, "inkosana noNkulunkulu"? Walishintshelani igama likaSawulu liya kuPawulu na? Impela, igama lakhe, ngempela, ngempela lisho okuthize. Ngempela linjalo. Uma ungethiwe kahle, uNkulunkulu uyolishintsha, uma Ekubizile. Yebo, mnumzane.

193 Qaphelani, Washintsha igama lakhe lapha manje, lisuka kuAbrama liya ku*Abrahama*, okusho ukuthi, "uyise wezizwe," kwenezelwa u h-a-m, Abrahama. Ngakho Wenza lokhu ukuze isithembiso esiphelele sikwazi ukugcwaliseka. Nendodana manje, eyayikade yethenjisiwe isikhathi eside kangaka, sikwazi ukubonwa, noma, ngokunye, kwembulwe, ngenkathi Eshintsha igama lakhe futhi emva kokuba eseqondile ukuthi WayenguBani. Angahle ukuba wayekade, angahle ukuba wacabanga ukuthi kwakuneqembu labo; kodwa waqonda ukuthi WayenguElohim, uNkulunkulu yedwa. Kodwa, ngenkathi Ekwenza lokho, khona-ke Washintsha igama lakhe. Wathi, "Manje, Abrahama, awusezukubizwa ngoAbrama, kodwa ngo *Abrahama*, ngokuba, ngu 'yise wezizwe,' Ngikwenzile." UAbrahama, manje, usesimweni manje. Usesimweni emva kwesambulo sokuthi UnguBani. Manje usesimweni ukubona indodana yembulwa.

194 INdodana isilungele ukufika, ukuba yembulwe. O, bantwana baka Abrahama!

195 Qaphelani, Washintsha igama lesithunywa saKhe, esikhathini sokuphela ngqo. Nje ngaso, wayenamashumi ayisishiyagalolunye-nesishiyagalolunye, sekusele unyaka owodwa, futhi Washintsha igama lakhe lisuka kuAbrama liya kuAbrahama. Eshintsha igama lakhe, wenezela u h-a-m, okusho ukuthi "baba." Wayezoba ngubaba, ubaba wesithembiso; ubaba, isithembiso.

196 O, uma unokubona okufihlekeleyo kokomoya, lalela! Emva kwesambulo seGama laKhe, sokuthi WayenguBani, Washintsha igama lakhe. Manje emva kwesambulo, manje Washaya umhlaba, "akukho-nkampani yoNkulunkulu; Munye," manje sekuyisikhathi sesambulo seNdodana ethenjisiweyo ukwembulwa eNzalweni yobukhosi ka Abrahama, yesithembiso.

197 Bukani, Walishintsha kusuka kuWesley, iBaptisti, iPresbyterian, iPentecostal. Angazi noma ngikusho lokhu noma qha. Anidingi ukuba nikukholwe. Kodwa ngithemba ukuthi niyangithethelela, ngokuba angifuni ukunilimaza.

198 Kodwa, bukani, asikaze sibekhona isithunywa kumabandla ka—kaNkulunkulu, kuwo wonke umlando jikelele wesikhathi, elake laba nomholi, selokhu kwaba sezinguqukweni, njengomholi esinaye namhlanje, uBilly Graham, kunjalo, ngoba uye ezweni lonke. Niyabo? Futhi, qaphelani, asikaze sibe nendoda, noma yimuphi umguquli. . . Sithatha uSankey, uMoody, uFinney, uCalvin, uKnox, noma kungahle kube ngubani, uWesley, uLuther, ayikaze ibekhona enegama eligcina ngo h-a-m, ngaphambili. Isithunywa kuphela esake saba naso eminyakeni yebandla, esinegama eligcina ngo h-a-m; G-r-a-h-a-m, Graham.

199 NoGraham yizinhlamvu eziyisithupha, futhi isithupha yinombolo yomuntu, usuku lomuntu; umuntu wadalwa, ku—kuGenesisi 1:26, ngosuku lwesithupha. Kodwa isikhombisa yinombolo kaNkulunkulu; usuku lwesikhombisa, uNkulunkulu waphumula. Hhayi isithupha, ekhombisa ukuthi lo G-r-a-h-a-m uyoba kulo ibandla elisezweni; kodwa, uA-b-r-a-h-a-ma, uAbrahama yizinhlamvu eziyisikhombisa.

200 Uthi, "Akukho lutho ezinombolweni." Khona-ke awuzazi izinombolo zeBhayibheli lakho. Niyabo? Uqinisekile ukuLithola ngokungesikho manje. Ngempela.

201 UNkulunkulu u "phelelisiswa" esi*thathwini,* futhi "ukhonzwa" e*zikhombiseni*, futhi "walingwa" e*mashumini amane*, na "majubili" e*mashumini amahlanu*, o, noma ngabe yini ofuna ukuyenza. Sonke isibalo, iBhayibheli lihamba ngesayense yezibalo.

202 Qaphelani, isithupha yisithunywa ukuba sithunyelwe ezweni. Futhi, qaphelani, isikhombisa yinombolo kaNkulunkulu.

203 Futhi qaphelani ngalesisikhathi sokubonakala manje, noma ukwembulwa kweNdodana. Uma i. . . Kuzokwembulwa, iNdodana. Sebevele balivumile iGama laYo, bazi ukuthi YayinguBani. Ingu El Shadayi, uSomandla, uElohim. Kodwa manje sifika phansi esikhathini seNdodana ethenjisiwe izozembula Yona. INdodana, uIsaka Yena uqobo owethenjisiwe, uselungele ukufika enkundleni.

204 Futhi Wayengekwenze Waze wathumela futhi washintsha igama lakhe lisuka kuAbrama liya kuAbrahama, ngoba, "ubaba wezizwe, wayenguye." Qaphelani,-*ham*, h-a-m, "baba, baba wezizwe."

205 Bukani ukuthi lokho kufanelena kanjani noMalaki 4, "Buyisela ukuKholwa, kubuyele kobaba," iNzalo ka Abrahama ibuyiselwe emuva ohlobweni lokuKholwa ubaba

uAbrahama ayenalo, iNzalo yakhe yobukhosi. UMalaki 4 ukuba agcwaliseke, ngukubuyisela emuva ukuKholwa okwake kwabakhona emuva lapho ekuqaleni, aKubuyisele emuva eNzalweni yobukhosi ka Abrahama. Yisithembiso. Isithembiso ncamashi. INzalo yobuKhosi izokwembulwa, futhi nge... ngeNzalo yobuKhosi, okuyiNzalo yobuKhosi, kaKristu. UKristu uyiNzalo yobuKhosi. NeNzalo inguMoya oNgcwele osezinhliziyweni zabantu abakholwa kuNkulunkulu, ababamba iZwi laKhe, noNkulunkulu esebenza ngabo, bethwala uMlayezo ofanayo. "Kuseyisikhashana izwe lingabe lisaNgibona, nokho niyoNgibona nina; Ngiyakuba nani, ngibe kini. Nemisebenzi eNgiyenzayo mina, nani niyakuyenza." Niyabo, ekwembula ngezinsuku zokugcina lapha, ukuthi kufanele kufike kanjani.

206 Manje, bhekisisani isahluko 18 manje. Masinya emva kwegama eselishintshiwe, uNkulunkulu uyabonakala, ukuba azembule Yena uqobo enyameni. Emva kokuba iGama selazisiwe, ukuthi UnguBani, uNkulunkulu ubonakala enyameni. UAbrahama, ngolunye usuku olushisayo, amaviki ambalwa nje noma izinyanga ngaphambi kokuba iSodoma lishiswe noIsaka ufika enkundleni. Futhi, qaphelani, uAbrahama uhlezi ngaphandle phansi kom oki wakhe.

207 NoLoti usezansi eSodoma, futhi bajabulela izinjabulo zezwe. Nokho, unguMelusi-Loti, mhlawumpe wayezenzele ibandla lakhe elihle elincane ezansi lapho. Noma ngabe yini ayenza, iBhayibheli lathi, "Ubuthakathaka nezono ze—zesikhathi zezwisa ubuhlungu umphefumulo wakhe olungileyo." Ngakho ufanele ukuthi wayefana nenqwaba yoLoti besimanje namhlanje, kodwa wayazi ukuthi wayengenakusho lutho ngakho. Ngakho manje-ke qaphelani, wayelapho.

208 Kodwa uAbrahama, emva kokuba Esembuliwe kuye, manje, uElohim wayeyiLowo owayekade ekhuluma kuye. Manje uhlezi phansi kom oki, futhi nakhu kuza indoda amathathu, ehamba njengezidalwa ezingabantu. Bhekisisani umphumela wesambulo, sokuthi uNkulunkulu Wayengubani, sasiphezu kuka Abrahama, ukuthi senzani kuye. Emva kokuba igama lakhe lase lishintshiwe lisuka kuAbrama liya kuAbrahama, ubone iNdoda amathathu iza, futhi wabiza amathathu, ngeYodwa, "Nkosi yami." Omathathu, engeYodwa. Akunjalo ngenombolo yesithupha, uLoti; ubone amabili eza, wayesethi, "makhosi ami." Umbono ka Abrahama nesambulo samkhombisa ukuthi WayenguElohim Onele Konke. INzalo yakhe izokwemukela into efanayo.

209 Qaphelani ukuthi Wazembula kanjani Yena uqobo, ukuthi Wazenza kanjani Yena uqobo aziwe, noma ngabe wayeqinisile noma qha. Qaphelani, kokholwa ngeqiniso, ukuthi sibonakaliso sini Asenza. Wenzekani, ukumenza azi ukuthi lowo kwakunguElohim na?

210 Manje, wathi, "Nkosi yami." Yigama elikhulu N-k-o-s-i. Noma yisiphi isifundiswa esikhulu, uyakwazi; noma yisiphi isifundiswa esikhulu siyazi ukuthi lowo nguElohim, OWanele Konke, uElohim.

Indoda yathi kimi, ngesinye isikhathi, "Awukholwa ukuthi lowo kwakunguNkulunkulu na?"

211 Ngathi, "Impela ngiyakholwa. UAbrahama wathi KwakunguNkulunkulu. Wakhuluma kuYe; wayefanele azi." Ya.

212 "O," wathi, "uqonde ukuthi uNkulunkulu emi lapho edla leyonyama yalelothole, futhi—futhi ephuza ubisi oluvela enkomazini, futhi edla isinkwa sommbila, noma ngabe ufuna ukukubiza ngokuthini lapho?"

213 Ngathi, "Wakwenza. Ngani, awumazi nje uNkulunkulu wethu." Awu, he, Wayengavele nje . . . Ngani, Wavele nje welula isandla . . .

214 Senziwe ngezakhi eziyishumi nesithupha; ipetroliyamu, ukukhanya kwezulu nomhlaba, nepotashi, nekhalsiyamu, kanjalonjalo, izakhi eziyishumi nesithupha nje. Wakubamba nje ndawonye, wayesephefumulela kukho, wayesehlela emhlabeni. Ngijabula kakhulu Uyilolohlobo lukaBaba. Noma izibungu zesikhumba sibhubhisa lomzimba, nokho Uyokubiza. Wathembisa ukuthi Uyokwenza. UnguElohim. Wadluthula enye inkweshezana, wayesethi, "Woza la, Mhlonyane," kumbe noma ngabe kwakuyini, iziNgelosi, "futhi yehla. Asehle bese sibuka iSodoma, sibone ukuthi kwenzekani."

215 Futhi uAbrahama, emva kwesambulo, ukubonile futhi wayazi ukuthi kwakukhona uNkulunkulu oyedwa. Futhi ukubonile, wayesethi, "Nkosi yami, buyela eceleni, uhlale phansi, mangigeze izinyawo zaKho." Manje, akazange athi "nkosi . . . " Futhi, bhekisisani, kuse—kusegameni elikhulu lapho. Noma ubani uyakwazi. NgineEmphatic Diaglott. Niyabo, yigama elikhulu N-k-o-s-i, "Nkosi," uElohim, OWenele Konke. Wathi, "Ake ngilande amanzi amancane bese ugeza izinyawo zaKho, futhi ngiKunike ucezu lwesinkwa, khona-ke Usungahamba ngendlela yaKho."

216 Ake nisho, ngishiywa yisikhathi kakhulu lapha. Kungcono ngisheshise. Bengi—ngifuna ukufinyelela ngapha, futhi angazi ukuthi ngizokwazi nini ukukwenza. Ngibekezeleleni nje isikhathi esidanyana nje, nizongibekezelela na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

217 Qaphelani, uElohim, OWenele Konke, uNkulunkulu. Futhi Wathi . . . Bhekisisani ukuthi Wenzani.

218 Manje, amabili aWo ayaqala, ayelokhu ebuka ezansi ngase—ngase Sodoma.

219 Futhi Wathi, "Ucabanga ukuthi Ngingamfihlela uAbrahama lokhu na?" Akenzi lutho Engakwembulanga kubaprofethi

baKhe. Niyabo, Ubenza bakwazi. Wayesethi, "Angizukukufihla lokhu, lokhu ungo—ungobusiswe nguNkulunkulu futhi uzodla ifa lomhlaba, kanjalonjalo. Inzalo yakhe izoba njalo, ngokunye, uzoba nguyise wezizwe eziningi. Ngeke Ngimfihlele khona. Ngizomazisa." Futhi ngakho Wathi, uqala ukumembulela.

220 Wayesethi, "Abrahama," hhayi Abrama. "Abrahama, uphi umkakho, uS-a-r-a na?" Wakwazi kanjani lokho na? Awu, usuku nje ngaphambi kwalokho, wayenguAbrama, usuku noma ezimbili ngaphambi kwalokho. Futhi wayenguSarayi, futhi manje usenguSara. Futhi yena unguAbrahama. Wathi, "Abrahama, uphi umkakho, uSara na?"

UAbrahama wathi, "Usethendeni, emva kwaKho."

221 Wathi, "Ngizokuvakashela ngokwesikhathi sokuphila. Nalendodana ethenjisiwe, isilungele ukufika enkundleni manje. Uzoba nayo."

222 NoSara, kuye uqobo, wathi ukuhleka, wathi, "Mina sengimdala, futhi ngibe nenjabulo nenkosi yami futhi, nayo isindala na?" Into efana naleyo, ngakho, ngoba wa—wayenamashumi ayisishiyagalolunye, futhi yena wayenekhulu. "Futhi ngakho manje bengingakwenza lokho futhi na?"

223 NeNgelosi, isithunywa, uNkulunkulu enyameni yomuntu, wathi, "Uhlekeleni na?"

224 Lokho kwakungukuqinisa. Ngani na? Kwakhombisa ukuthi isambulo sasiqinisile. Kwakhombisa ukuthi lokho ayeMbize ngakho, uElohim wayeqinisile. Ngoba, WayeyiZwi. Lokho kwakuyi. . .KumaHeberu, isahluko 4, ivesi 12, kwathi, "IZwi likaNkulunkulu libukhali kunenkemba esika nhlangothi zombili, futhi lehlulela imicabango nezizindlo zenhliziyo." Futhi ngenkathi uAbrahama esekubonile lokhu, wayeqinisekile ngaleyonkathi wayengaMbiza ngo, "Elohim." UElohim, WayeyiZwi, "Onguyena izolo, namuhla, naphakade."

225 Qaphelani ngenkathi uJesu, iNzalo yobukhosi ka Abrahama, efika enkundleni, Wazembula Yena uqobo enzalweni yemvelo ka Abrahama, ngesibonakaliso esifanayo. Futhi baMbiza ngo, "Belzabule." Kwabaphuphuthekisa, abangakholwayo, kwabaphuphuthekisa futhi kwababangela ukuba bahlambalaze, futhi wabathumela esihogweni. Kodwa kwanikeza ukubona kwaPhakade kwabakholwayo, owayemiselwe ukuPhila okuPhakade.

226 Qaphelani, uJesu wathembisa ukuthi i. . .ngezinsuku zokugcina, ngaphambi nje kokufika kweNdodana yomuntu, ukuthi Wayezofika futhi azembule Yena uqobo, ngenkathi izinsuku iNdodana yomuntu embulwa ngazo, leNzalo yobukhosi ka Abrahama yayizobona isibonakaliso esifanayo. Manje qaphelani, ngenkathi Ethi, lowo ngu—lowo nguLuka oNgcwele 17:28 nelama 30, "Futhi njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma." Manje, uJesu washo lokhu. Angibophelezekile

kukho. U . . . Ngibophezeleke ukukusho, ngisho Akusho. Kodwa, uJesu washo lokhu, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakubanjalo ekufikeni, ekufikeni kweNdodana yomuntu," manje qaphelani, "emihleni iNdodana yomuntu eyembulwa ngayo, lapho iNdodana yomuntu yembulwa eBandleni laYo."

227 NjengakuAbrahama. WayenguNkulunkulu, Wayelokhu ehla; waqinisa isivumelwano, wamqonda ukuthi WayenguBani, negama lakhe lashintsha. Qaphelani, lashintsha nje ngaphambi kokuba Afike egqumeni, ebuka phezu kweSodoma, ngaphambi nje kokuba iNdodana ethenjisiwe ifike.

228 UJesu washo isithombe esifanayo. UJesu wayefunda iBhayibheli elifanayo nengilifundayo nani enilifundayo. Uma nifuna ukwazi ukuthi kwakuyini, buyelani emuva futhi nibone ababekwenza ngemihla yaseSodoma. Qaphelani, akukukhulu kangako ngemihla kaNowa (Washo izimilo zabo ezimbi, ukuthi babedla kanjani, bephuza, begana, beganisa), kodwa eSodoma.

229 Manje aku "sekho manzi," uNkulunkulu wakwethembisa lokho ngesibonakaliso sothingo lwenkosikazi. Usinika isibonakaliso. Njalo Unikeza izibonakaliso. Uthingo lwenkosikazi . . . Uzikhumbula njalonjalo izibonakaliso zaKhe. Njalo wethembekile kuso iminyaka, akehluleki neze ukunikeza lesosibonakaliso sothingo lwenkosikazi. Uhlala njalo enikeza izibonakaliso zaKhe. Qaphelani.

230 Futhi kulesosibonakaliso, Akethembisanga ukubhubhisa izwe "akasophinde ngamanzi," kodwa Washo ukuthi liyo "sha." Futhi qaphelani uJesu lapha ethi, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma," izwe labeziZwe lalizobhujiswa. AbaseSodoma!

231 Manje bukani izimilo zokuziphatha kwezizwe. Bukani izimilo zokuziphatha kwebandla, njengoLoti nje. Bukani ukuthi yini esezansi phakathi kwawo: indoda, uG-r-a-h-a-m, ebaqhumisa, labosopolitiki, kuya ebandleni lemvelo. Manje ebandleni likamoya . . .

232 Njalo kunezigaba ezintathu zabantu. Lokho ngukuthi, abakholwayo, abangakholwayo, nabazenzisi. Banabo kuzozonke izixuku. Uma uzwe ukucindezeleka engikuzwile, ubuzokwazi ukuthi bebekhona khona lapha kulobubusuku. Ngakho manje-ke, ngakho, u . . . nabobonke bobathathu. Qaphelani, nakho lapho okhona, njalo kunalezozigaba ezintathu ndawo zonke.

233 Manje uma nizobona ukuthi kwakuzoba yinto efanayo ngenkathi iNdodana yomuntu yayizokwembulwa eNzalweni yobukhosi ka Abrahama, ngoKristu (uKristu uyiNzalo yobuKhosi), ngenkathi Embulwa ngezinsuku zokugcina. Manje, ngokwendawo eyiyonayona, izwe lihlezi ncamashi, ngoba iNdodana eyavuka eMpumalanga ishona eNtshonalanga. "Futhi kwakulusuku oluhwaqabele," kwenziwa izinhlangano, amahlelo, "kepha kuyakuba ngukuKhanya ngesikhathi sokuhlwa," kwasho umprofethi uJeremiya. Manje, futhi

ngemihla lapho leyoNdodana, Kuphuma kuvela emva kwamafu ehlelo, ukuzembula Yona uqobo, Yathi izwe liyobe lihlezi nje njengoba lalinjalo emihleni yaseSodoma, neNdodana yomuntu iyozembula Yona uqobo futhi kubantu baYo. Bukani ukuthi Yakwembula kanjani enzalweni kaIsaka; bukani ukuthi Izokwembula kanjani eNzalweni yobukhosi, ubuKhosi boMlobokazi, iNdlovukazi. INdlovukazi iyiNzalo yobukhosi.

234 Njengoba uNkulunkulu wakhipha isizwe esizweni, eGibhithe, Ukhipha iBandla ebandleni, noma uMlobokazi aphume ebandleni; iBandla liphume ebandleni. Nensali yeNzalo yowesifazane, yilokho okwashiywa, "kunokukhala izinyembezi nokuklewula nokugedla kwamazinyo, ngoba babengenawo amaFutha ezibanini zabo, uMoya oNgcwele," njalo umelwe. Nampaya.

235 Indawo yeyiyonayona ihlezi kahle. Futhi manje bukani phezulu egqumeni. Manje, iBandla, uAbrahama; uLoti; abaseSodoma. Izwe; ibandla; abaKhethiwe. IBandla, uMlobokazi, ephuma ebandleni. Sihlezi ngendawo okuyiyonayona kahle. Izwe lisekushwibekeni okukahle nje kukho.

236 Impendukezelo! Yonke into iphendukezelwe. Lokho ngukuthi, ngizonitshela, yonke into ibhasteliwe. Ba . . .

237 Ngiyehla, ngibone enkulu isayini, yathi, "Ummbila obhasteliwe." Ngani, awulungile. Qhabo. Lokho bekufanele kwenze nina baphiki-Nkulunkulu nigxume. Ngenkathi uNkulunkulu ethi, "Yonke imbewu mayiveze inhlobo yayo." Futhi ungawubhastelisa ummbila futhi uwenze ube wummbila obukeka ungcono, kodwa ungeke uphinde uwutshale lowo futhi; awunakuphila kuwo.

238 Futhi yileyondlela esenze ngayo ibandla. Silenze lalihle, futhi salihlobisa ngokucwebezelayo kwehlelo, kodwa alinakuPhila kulo. Ngeke laveza lobo bufakazi obubonakalayo beBhayibheli futhi. Niyabo? Ngeke laveza ubufakazi obubonakalayo bokuvuka bukaKristu. Kuludaba lokubhastela.

239 Abantu abagqoke kangcono, abakhokhelwa kangcono, amahlelo amakhulu ngokuthe xaxa, acebe ngokuthe xaxa, oNyaka waseLawodikeya, impela. "Ucebile, awusweli lutho; kanti kawazi ukuthi ungowokuhawukelwa, olusizi, ophuphuthekile, nompofu, ohamba-ze, kanti kawazi." Uma indoda ibiyazi ukuthi ibihamba-ze, ubungaxoxa nayo. Kodwa uma ingakwazi, leso isimo sokuhawukelwa, esibi kabi. Ungabaklolodeli abantu, kodwa yiba nesihawu. Ukuba-ke kwakunguwe lowo ukulesosimo na? Ukuba-ke iZwi lalingembulwanga kuwe, wawuyokwenzenjani na? Yini enye eyayingaba nendaba, ukuba amehlo akho laliphuphutheke kakhulu wawungakwazi ukuLibona na? Lokho ngukubona kokuhawukelwa.

240 Futhi nje impela, ngokwendawo eyiyona yona. Ngeke wabeka umunwe kukho; nakho kuhlezi, lokho nje Athi kuyokwenzeka. "Lezizibonakaliso ziyakuba sezinsukwini zokugcina." Niyabona ukuthi zihlezi kuphi, impela nje.

241 Manje bhekisisani, ukubhastela. Niyazi, uma noma yini engi . . . Thatha, njengoba uthatha i—i—i—imbongolo, bese uyizalanisa nehhashi, ihhashi lensikazi, njalo, futhi utholani na? Uthola umnyuzi. Kodwa lowomnyuzi ungeke waphinda uzizale futhi. Niyabo? UNkulunkulu wathi, "Yonke imbewu mayiveze inhlobo yayo." Manje ivelaphi inguqunguquko yakho yempilo na? Umklamo wakho uqobo ukugxekile othe uyakukholwa. UNkulunkulu wathi, "Yonke imbewu mayiveze inhlobo yayo." Ngeke waphinda uzizale futhi. Qhabo, qhabo. Usuphelile.

242 Futhi ngicabanga ukuthi umnyuzi ungenye yezi—zinto ezingazi lutho kunazo zonke esengake ngazibona. Ungeke wawufundisa lutho. Uyohlala lapho nalawomadlebe amade amakhulu, niyazi, futhi uyolinda kuze kube yiwo impela umzuzu wokufa ukuba ukukhahlele, ngaphambi kokuba ufe. Unje . . .

243 Ungeke wawufundisa lutho. Kungikhumbuza . . . Uyohlala lapho, futhi hamba uwutshele izinto, kungikhumbuza ngabanye abantu, bezisho ukuthi bangabakholwayo namhlanje. Izindlebe ezinde ezinkulu, bahlale lapho, futhi, "Izinsuku zezimangaliso selwedlule. Oo! Oo! Oo!" Akazi ukuthi uvelaphi. Akazi lutho ngaLo. Into kuphela ayaziyo isivumokholo esithize sebandla.

244 Kodwa ake nginitshele, nginezinhlonipho ngelohlobo. Mfana, lingakutshela uhlobo lwalo. Lingakutshela ukuthi kwakungubani ubaba walo, kwakungubani unina walo, ubani ugogo walo, kwakuwubani umkhulu walo. Lingelohlobo.

245 Unjalo nalawo maKristu ohlobo, angaligijimisa libuyele ngqo eNcwadini yeZenzo futhi abone lapho evela khona, umKristu wohlobo, ozalwa nguMoya ofanayo, into efanayo, eziphatha ngendlela efanayo.

246 Nabahluphi abafanayo; izimbongolo namahhashi kudla ndawonye. Kunjalo. Nakho lapho okhona. Ufanele ubenakho, nokho. Lolu wusuku lokubhastela.

247 Ngibone isiqephu kwi *Reader's Digest*, kungekudala, "Qhubekani nokondla abasifazane ngalenyama ebhasteliwe ne—nezinto, ngeke baba nezingane zabo. Banokushintsha. Baya ngokuba bakhulu emahlombe, nokuya ngokubabancane ezinqulwini." Ngani, kungukuthi, niyazi njalo umuntu uzibhubhisa yena uqobo ngempucuko.

248 Buyelani kuNkulunkulu! Kholwani uNkulunkulu. Buyelani eMbewini yasekuqaleni. Buyani futhi niLikholwe. Niyifundile eyami ite . . . ninawo amateyipu ami, njalo, ngiqagele niwezwile, kwethi: *IMbewu yasekuQaleni*, nethi *UMuthi woMlobokazi*, nalezozinto, okuyiqiniso. INkosi iyakwazi lokho.

249 Ukuthi lezozinto ishiwo kanjani ngaphambili, izinyanga ngezinyanga. Nina bantu, enikubona lapha, kuncane nje, enibona kwenzeka. Buzani abantu ongapha, buzani uma kwake kwehluleka kanye. Kukhuluma ngabantu, ukuzamazama okuningi komhlaba, izinto ezokwenzeka. UMoya oNgcwele uyasitshela. Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."] Kunendoda ebi . . . Impela. Nangabantu abehlukene.

250 NjengoMarilyn Monroe, kude le ngaphambi kokuba afe. Bathi wazibulala. Akakwenzeka. Wabulawa ukuhlaselwa yinhliziyo. Uqobo.

251 Lendoda, lesisilwi. IMaginot Line eJalimane. Zonke lezozinto, nje izinkulungwane zezinto, ngokuphelele kuze kuyofika echashazini, ngasosonke isikhathi. Kungeke kwaba yilutho olunye kodwa uMoya oNgcwele. Niyabo? Niyabo? Wakwethembisa.

252 Unikeza izinto eziyisikhombisa ngo 1933, ezaziyokwenzeka. Futhi manje zonke sezifezekile kuphela izinto ezimbili, ngokuphelele, impela nje. Ukuthi ngisho uMongameli uKennedy uyongeniswa kanjani. Kukhona khona lapho ezincwadini zami khona manje, kwashiwo eminyakeni engamashumi amathathu-nantathu edlule, impela. Ukuthi iMaginot Line yayizokwakhiwa kanjani, iminyaka eyishumi nanye ngaphambi kokuba yakhiwe. Ukuthi uHitler wayezovuka kanjani, no—nombuso wamaNtaliyane, no—nombuso wamaJalimane, nakho konke ukuba kuboshelwe ebukhomanisini, nobukhomanisi buyobhubhisa ubuKatolika. Futhi buyokwenza, yebo, akunandaba ukuthi benzani. Futhi kwakhombisa, kwathi kwakuyobakhona uMkhandlu wenkolo yamaKristu, nokuthi onke amabandla ayohlangana kanjani ndawonye futhi abumbe umfanekiso obizwa ngoPhawu lweSilo. Niyawabona ngqo esendleleni, khona manje. Kunjalo impela. Kuzofanele kwenzeke, ngoba akukaze kwehluleke ukuba njalo.

253 Noma ubani oke akwazi, noma ubani, bathathe ubayise emhlabeni jikelele, akukaze kwehluleke nakanye. Izinyanga neminyaka ngaphambi kwesikhathi, kuqinisile ngokuphelele nje ngqo endawaneni. NguNkulunkulu phakathi kwenu, bantu; uNkulunkulu kithi, uMoya oNgcwele. Qaphelani, uJesu wathi iNzalo yobukhosi yayiyokhonjwa yinto efanayo, lapha kuLuka isahluko 17. "O, buyani, O bahlakazekileyo, nisuke emahlelweni enu, niye kwabakini."

254 Noma yimuphi wethu angakholwa ukuthi uNkulunkulu . . . Uma nikholwa kuNkulunkulu, niyazi uNkulunkulu uphilisa abagulayo. Lokho akumbuzo. Ngani, uma ningakukholwa lokho . . . Niyazi, bathi ngalezozinsuku, "UJehova, siyazi Angaphilisa, kodwa Angesindise." Manje, "Angasindisa, kodwa Angephilise." Niyabo, ngudeveli ofanayo nje, into efanayo.

Uyikho kokubili uMsindisi nomphilisi. UnguJehova-Jira noJehova-Rafa.

255 O, buyani! Khumbulani, Wethembisa lendawo eyiyonayona, yayo yonke into ihlezi nje ngendlela eyiyo manje, yilokho okwakuzokwenzeka. Wathi kwakuzokwenzeka, futhi kufanele kwenzeke.

256 Bafo, ngiyaxolisa. Senginihlalise kwaleyithi manje. Asikhothamise amakhanda ethu nje umzuzu, ngizo... Ngizokuqeda konke lokhu, mhlawumbe, kusasa ebusuku. Ngisenamanye futhi amakhasi cishe ayisithupha amanothi lapha. Khothamisani amakhanda enu umzuzwana nje. Hloniphani ngokuzithoba, wonke umuntu.

257 Ningahle ningavumelani nami; ninelungelo kulokho. Nginelungelo lokuzwakalisa engikucabangayo. Ngibe nomBhalo. Manje, akunandaba ukuthi bengingathini, uma uNkulunkulu engakweseki lokho, khona-ke iUrimi Thumimi ayisebenzi, khona-ke iyenqatshwa. Akunandaba ukuthi kuzwakala kahle kanjani, nokuthi kuzwakala kuyikho ngempela kanjani, iUrimi Thumimi izofanele ikubonise. Imbewu izofanele ifike ekuphileni. Uma ingakwenzi, khona-ke kwakungenjalo.

258 Manje, okokuphilisa, ngizamile ukunitshela ukuthi angisuye umphilisi. Maningi indoda azibiza ngabaphilisi. Bese-ke kunenqwaba ya—yabagxeki ebizwa ngabaphilisi babantu, lokho, ukugxeka nje. Inhliziyo yabo ayilungile kuNkulunkulu. Niyabo? Noma ubani uyazi ukuthi akukho muntu ongaphilisa omunye. UNkulunkulu uphilisa ukugula. UNkulunkulu ake abize ukufa kwakho, futhi nikhuleke konke enikufunayo, nesibhedlela sininike umjovo woketshezi nsuku zonke, futhi niyofa nje ngokufanayo.

259 Uma ngisika isandla sami kulobubusuku, futhi ngime lapha nesandla esisikiwe, akukho muthi ezweni ongaphilisa isandla sami. Asinamuthi ophilisayo. Akukho muthi ophilisayo. Noma yimuphi udokotela uzokutshela lokho. Usigcina nje sihlanzekile ngenkathi uNkulunkulu ephilisa. Awukwazi ukwakha isicubu. Uma ngisika isandla sami, futhi, "O," wena uthi, "yebo, Mfowethu Branham, ukhona umuthi wokuphilisa lokho." Kulungile, ngifuna ukwazi ukuthi uyini.

260 Ake nginikhombise. Uma ngisika isandla sami ngase ngiwa ngafela lapha, udokotela ubengeza futhi agqumise umzimba wami futhi angenze ngibukeke ngokwemvelo iminyaka engamashumi amahlanu. Athunge isandla sami, bese engikhipha lapho bese enginika umjovo wepenisilini, nsuku zonke, futhi eminyakeni engamashumi amahlanu kusukela manje lokho kusikeka bekungaba nje njengoba kwakunjalo nje ngenkathi kwenziwa. Uma—uma umuthi wawenzelwe ukuphilisa ukusikeka, awukuphilisi ngani na? Noma yimuphi umuthi oyophilisa ukusikeka esandleni sami, uyophilisa

ukusikeka kulelideski, ubuyophilisa ukusikeka ebhantshini lami. Ukuba ubungaphilisa ukusikeka, uyophilisa ukusikeka akunandaba ukuthi kukuphi. "Awu," wena uthi, "ngani, umuthi wenzelwa izidalwa ezingabantu." Manje-ke awukuphilisi ngani na? "Awu," wena uthi, "ukuphila sekuphumile kuwe." Manje-ke kukhona okunye ngaphandle kokuthi umuthi uyaphilisa.

261 Ngukuphila, impela, nokuphila kunguNkulunkulu. Ngempela, nguye. Nokho, abanye bayizoni, baphendukezelwe yikho, kodwa nokho usemfanekisweni kaNkulunkulu. Nokuphila onakho ukuthi uNkulunkulu wakupha khona. Uyakwazi lokho; qhabo, ngoba uNkulunkulu ungumphilisi. Ukuphila kungumphilisi. Niyakukholwa lokho, niyabo. Ngibone okuningi kakhulu kwenziwa!

262 Manje asiMemukele nje, ningekwenze na? Ngaphambi kokuba senze lokho, angazi ukuthi bangaki phakathi lapha okholisekile, ngaphambi . . . Uma niyizifiki lapha, ningakaze nibe phakathi lapha ngaphambili, ukuthi niMkholwe ukuthi uyiNdodana kaNkulunkulu na? Futhi ngalokhu, uMlayezo kulobubusuku, iZwi lodwa, ngaphambi kokuba ngisho Enze noma yini, ukuthi niLikholwe, futhi nifuna nginikhumbule emkhulekweni, phakamisa isandla sakho. Uzosiphakamisa na? O! UNkulunkulu akubusise. O, he! Izandla ezingamakhulu amathathu noma amane. UNkulunkulu anibusise.

263 "Ukukholwa kuvela ngokuzwa, ukuzwa iZwi." Isizathu sokuba ngisho lokho, iNzalo izofumana umusa kuNkulunkulu. Ngiyacabanga manje, esikhundleni so—sokuba nje ngibize umugqa womkhuleko phezulu lapha, ngizothi akukhuleke nina nje.

264 Ake ngininike umBhalo, kuqala. Ngalokho esikwenzayo, kufanele kube ngokomBhalo. Kuzofanele kube ngokomBhalo! UNkulunkulu akayikuhlonipha lutho olunye. UNkulunkulu akayikuwahlonipha amanga; niyakwazi lokho. U—ubungeke wakuqhasela lokho kuYe. Akawahloniphi amanga. Uhlonipha kuphela iZwi laKhe. Kodwa Wethembisa, ukuthi, "IZwi laMi aliyikubuyaze kimi. Liyokufeza lokho Elahloselwa khona." Futhi sibona iZwi elabelwe inamhlanje. Akunandaba ukuthi kuvuka ukungakholwa okuningi kangakanani ekamu, uNkulunkulu uyolihlonipha iZwi laKhe uma Ethola ukukholwa ukuLihlonipha ngakho.

265 Manje ndawo ndawo endlini, ngifuna nithathe lomBhalo. AmaHeberu isahluko 3, ngikholwa ukuthi yikho. IBhayibheli lasho, ukuthi, "UngumPristi oMkhulu, khona manje, onokuzwelana nobuthakathaka bethu."

266 Futhi wena ophakamise isandla sakho, ngifuna wena, masinya inkonzo isivalwa lapha, ngifuna ukhuphuke bese uma ngapha futhi ukhulekelwe, wemukele uKristu njengoMsindisi wakho. Uthathe indlela yakho uye kwelinye lebandla elikahle

elithize khona ngapha. Akunandaba ukuthi likuphi, umuntu oshumayela iVangeli, yana kubo bese ucela umbhaphathizo wamaKristu. Nomelusi uzokuthatha kusukela lapho kuqhubeke. Uyindoda kaNkulunkulu. Ubizelwe ukuba yindoda kaNkulunkulu, uzo—uzokuthatha kusukela lapho kuqhubeke. Nje, ukuba bengilapha kulelidolobha, bengiyokhonza kwelinye lalamabandla lapha. Bengizoza kuwo, lawo akholwa yiVangeli. Bengiyoba lapho. Ngempela, bengiyozibandakanya nawo, ngokuba yilokho enidinga ukukwenza. Futhi yilokho enidinga ukukwenza.

267 Manje, uma EngumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu, manje Nguyena izolo, namuhla, naphakade, ngakho-ke Ubezofanele enze ngokufanayo njengoba Enze izolo.

268 Manje bhekisisani, owesifazane omncane wathinta ingubo yaKhe, ngesinye isikhathi, Wayesejika futhi wazi ukuthi wayenani, futhi wayesemtshela ukuthi ukukholwa kwakhe kwakumsindisile. Wayesezwa, phakathi kwakhe; akazange athathe zinhlungu ukukufakazisa. Wayengadinge kukufakazisa.

269 Awuzifakazisi izinto. Ukholwa uNkulunkulu. Uyabo? Awumfakazisi uNkulunkulu, nhlobo. Ungeke wafakazisa, ukusindisa impilo yakho, kunoNkulunkulu, uphumele lapha nje bese uthi, "Ake ngiMbone." Uyabo, ufanele uMkholwe.

270 Zonke izikhali zikaNkulunkulu zingaphezu kwemvelo. Uthando, ukujabula, ukukholwa, ukubekezela, ukukhuthazela, ubumnene, niyabo, konke kungaphezu kwemvelo. Sibuka izinto ongeke wazibona ngeso lakho lokwemvelo.

271 NoKristu ulapha kulobubusuku. Wakwethembisa. "Lapho kuhlangene ababili noma abathathu ngeGama laMi, Ngilapho phakathi kwabo. Ngilapho!" U "Ngi" futhi, Ulapha. Manje, "Nguyena izolo, namuhla, naphakade."

272 Khuleka, bese uthi, "Nkosi Jesu, ngiyagula," kumbe noma ngabe yini oyidingayo. "Ngi—ngingodingayo, futhi ngi—ngifuna Wena, Nkulunkulu othandekayo, ukuba ungihawukele, futhi ungiphilise futhi ungisindise. Futhi manje uma nginokukholwa okwenele, Nkosi, ukuba ngiKuthinte. . .ngi—ngiyazi ukuthi uMfowethu Branham akangazi. Ngiyisihambi. Futhi ngiyazi akangazi. Manje, uma—uma leyondoda ingitshele iQiniso, engikholwa ukuthi yilo, ngoba livela ngqo eZwini laKho. NgiLifundile, ngiyaLibona libukeka liqinisile ngokupheleleyo nje. Manje Liqinise. Ngizisho ukuthi ngiyiNzalo ka Abrahama, ngoKristu, ngizisho ukuthi ngiyiNzalo yobukhosi, ngikholwa nguJesu Kristu, iNzalo yobuKhosi. Futhi ngikholwa ukuthi ngiyinxenye yoMlobokazi waKhe, iBandla laKhe Alizelayo. Futhi ngiyagula futhi ngiyadinga. Ngiyacela, Nkosi Jesu, mangithinte ingubo yaKho. Futhi kuqi-. . .futhi kuqinise kimi ngokukhuluma ngoMfowethu Branham, njengoba

Ethembisa ukuthi kwakuzoba 'njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma.' Ake nje ngi . . . akangitshele ukuthi ngicabanga ngani, ngikhulekela ini, ukuthi ngifunani, ukuthi ziyini izidingo zami, into ethize ngami." Kwenze lokho, kwenze nje.

273 Baba waseZulwini, manje konke sekusezandleni zaKho. Manje yilokhu kuphela engingakwenza, kumbe noma yimuphi omunye umuntu, angasho nje lokho Okushilo *Lapha*, iQiniso. Manje liqinise, Nkosi, ukuthi liyiQiniso. Ngikhulume ngaWe. Khuluma ukuthi ngikhulume iQiniso. EGameni likaJesu Kristu. Amen.

274 Ngifuna nje ni—nje nikholwe, nje yibani nokukholwa. Manje akungayaluzi muntu. Hlalani nje nihloniphe ngokuzithoba ngempela. Ngifuna nicabange nje kumi phambi kwenu, phakathi lapha ndawondawo, uKristu, evukile kwabafileyo; uza abhobokele ngqo ezindongeni kanye, udla isinkwa, wathi, "Ngiphatheni, Ngiyinyama namathambo," futhi wanyamalala ngqo phambi kwabo. Manje We—Wethembisa ukuthi Wayezobonakala ngezinsuku zokugcina, ngesimo senyama yomuntu futhi, enyameni yakho, njengoba Enza emihleni yaseSodoma. UNkulunkulu, owayenguKristu, wabonakaliswa enyameni, manje useBandleni laKhe, uMlobokazi waKhe. Niyabo, bayahlangana ndawonye. Yisikhathi sokuhlangana. Amabandla ayahlangana, izizwe ziyahlangana, noMlobokazi noKristu uyahlangana. Niyabo, yisikhathi sokuhlangana.

275 Manje kholwani nje, kulula. Ningazami ukushaywa uvalo futhi nicindezele okuthize, ngoba anitholi lutho. Nje—nje ngokuzithoba nithi, "Nkosi, ngiyakholwa." Omunye akenze lokho nje. Futhi manje ngi . . .

276 Bangaki ohlezi phambi kwami, ikakhulukazi . . . Manje, ngiyawazi lawa indoda *lapha*, nalawa *lapha*. Ngazi abanye abahlezi *lapha*. Kuthiwani khona *lapha*, nje phambi kwami ngqo na? Akwehlukaniselwe kuleliqembu elincane khona phakathi *lapha* ndawondawo. Bangaki abangakaze bambone uKristu ezazisa Yena uqobo kanjalo, nge . . . Asibone izandla zenu, "Abangakaze bakubone." Ngiqagele wonke umuntu ukubonile. Kulungile.

277 Khulekani manje. Manje nje hloniphani ngokuzithoba. Angazi ukuthi Uzokwenza. Ngeke ngakusho lokho. KukuYe. Ngabe kuzonenza nikholwe, ngokuqine ngempela na? INkosi iyakuzwa lokho. Yazi izinto zonke.

278 Indoda ehlezi khona lapho, iphethwe isibhono. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzosiphilisa lesosibhono na? Uyakholwa na? Siyizihambi komunye nomunye, ngicabanga kanjalo, wena nami. Angikwazi. Angikaze ngikubone. Kodwa uma kuyilokho obukhuleka mayelana nakho, phakamisa isandla sakho. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho, lendoda ehlezi . . .

279 Uyakukholwa ukuthi—uyakukholwa ukuthi ngenkathi uAndreya wayetshele uSimoni ukuba eze abone ukuthi babefumene uMesiya, futhi ngenkathi enyukela eBukhoneni beNkosi Jesu na? Ngokuthi usekuxhumaneni neNto ethize manje, umkhuleko wakho. Uyabo, Wamtshela ukuthi wayengubani. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi ungubani na? Uma uzokukholwa, Angakwenza. Bekungakukhuthaza lokho ukuba ukholwe ngenhliziyo yakho yonke na? Beningakwenza nonke ngaleyondlela na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

280 Manje indoda iphakamise izandla zayo, ukuthi noma ngabe bekuyini etshelwe yona . . . Angazi; ngizofanele ngihambise iteyipu, niyabo. Noma ngabe bekuyini, bekuqinisile. Kunjalo, mnumzane na? [Umfowethu uthi, "Amen."—Umhl.] Kulungile. Noma ngabe bekuyini, kuqinisile.

Mnu. Shepherd, kholwa ngenhliziyo yakho yonke. "Uma ungakholwa."

281 Manje lokho akungaphezu kunalokho Akusho, "Igama lakho unguSimoni, indodana kaJonase." Manje uma nje uzokholwa, yilokho kuphela okudingekile. Niyabo? Manje kuyini na? Wakwethembisa lokho. Wanikeza lesosithembiso. Lokho kukhombisa ukuthi Ulapha. Hhayi nje mina; Ukuwe. UseMzimbeni waKhe wabakholwayo.

282 Nenekazi elincane, ukhala izinyembezi futhi ukhuleka, ukhothamise ikhanda lakho. Uphethwe ngumdlavuza. Uma ungeke wesabe, futhi uzokholwa, uNkulunkulu uzokusindisa uma ungakukholwa. Lizokugeja, impela. Nkk. Hood, kholwa ngenhliziyo yakho yonke manje, ukuthi uJesu Kristu uyakusindisa, futhi ungabanakho okucelile. Manje uzokukholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Amen.

283 Ohlezi eduze kwakho ngqo lapho yinenekazi elinenkathazo yesisu, inkathazo yenhliziyo, izifo ezelakanyanayo. Uma ukholwa ngenhliziyo yakho yonke, ungaba nakho ukuphiliswa kwakho. Uyakukholwa ngenhliziyo yakho yonke, uzokwemukela na? Uyakwenza na? Kulungile.

284 Leyondoda lapho enomongozima, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angawuphilisa lowomongozima futhi akusindise na? Phakama.

285 Ubungacabangani ngakho, ohlezi eduze kwayo lapho, onesibhono na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angasiphilisa lesosibhono futhi akusindise na?

286 Inenekazi eliseduze kwengalo yakho ngqo lapho, liphethwe yikhanda. Sekuhambile manje. Akuhambile na? Uyabo, ukukholwa kwakho kukwenzile. Yilokho kuphela ofanele ukwenze, ukukholwa nje.

287 Nanti inenekazi lapha elinesifo sikashukela. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa, nenekazi, uhlezi lapho unesifo sikashukela na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi ungubani na? Uyakukholwa na? Nkk. Robinson. Lelo yigama lakho.

288 Beka isandla sakho phezu kwakhe lapho wenzele lesosibhono, mhlawumbe uNkulunkulu uzomsindisa, naye. Uma ukukholwa! Uzokwenza na? Kulungile, mnumzane.

289 Inenekazi elihlezi eduze kwakho, beka isandla sakho phezu kwalo, mnumzane, liguliswa yimizwa. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphilisa ukuguliswa yimizwa futhi akusindise na? Uyakholwa, ungabanakho ukuphiliswa kwakho, nawe. Ufanele ukukholwe.

290 Manje lokho ukuqinisa. UNkulunkulu wenza isithembiso, manje bangaki okholwayo ukuthi uKristu ulapha na? Niyakukholwa na? Manje, nonke nina enifunayo, eBukhoneni baKhe manje, ofuna isihawu kuYe, ofuna isihawu emphefumulweni wakho, futhi ufuna ukuMemukela manje usekhona ngqo eBukhoneni baKhe, ukhonjwe. Manje ngi . . .

291 Indoda ingahle ingene lapha nezibazi zezipikili ezandleni zayo, nezibazi zameva futhi ithi, "NgiyiNkosi." Noma yimuphi umzenzisi omdala angakwenza lokho. Kodwa, ukuPhila! Umzimba weNkosi uJesu uhlezi ngakwesokunene soMkhulu; uma Efika, isikhathi asisekho, uma lowomzimba ubuyela emhlabeni. Kodwa uMoya waKhe ulapha, ukuPhila kwaKhe kunikeza ubufakazi obubonakalayo baKhe elapha. Niyabo? "Ngiyoba nani, ngibe kini, kuze kubesekupheleni kwezwe."

292 Futhi nifuna isihawu kuYe manje, ningama nje okwezwi lomkhuleko na? Ndawo zonke endlini, nina eni . . . noma ngabe nikuphi, ningama na? UNkulunkulu akubusise, emuva phakathi le. Kulungile, yibani nilokhu nimile nje. Yimani ngezinyawo zenu nje, yilokho kuphela engifuna nikwenze. Sukumani nje umzuzu, okomkhuleko. Uma nizoMmela! Uma unamahloni ngaYe manje, Uyoba namahloni ngawe ngaphambi kukaBaba; futhi uma u—uma uvuma ukuMvuma manje, Uyokuvuma phambi kukaBaba. "Mina manje ngifuna ukwemukela uKristu njengoMsindisi wami. Ngifuna Yena angigcwalise ngoMoya waKhe khona manje. NgiyaMfuna." Yibani nje niyilokhu nimile nje umzuzwana, okomkhuleko, uma nithanda. Sukumani. Nakho-ke. Ngifuna . . . Ngizizwa ngiholeleka ukwenza lokhu, ukwenza ial- . . . Lokhu ngukubizela ealtare. Sukumani. Asinalo ialtare ukuza kulo; inhliziyo yenu iyi altare. Nje hluba konke ukungakholwa, futhi wazi ukuthi Ulapha manje. Sukumani nime ngezinyawo zenu, wena ofuna ukumukela uKristu khona manje, eBukhoneni bobuNkulunkulu obuzwayo, obuqinisekiswayo manje.

Manje asikhothamise amakhanda ethu.

293 Nkosi Jesu, bangabaKho. Wathi, “Akakho ongeza kiMi uma uBaba waMi engamdonsi.” Futhi manje ngokwesayensi, bebengeke ngisho baphakamise isandla sabo; umthetho wokudonsela emhlabeni uthi izandla zethu zifanele zilengele phansi. Kodwa kukhona ukuphila kubo, futhi lokho kuphila kwalethwa eduze ekuPhileni okuPhakade, uKristu. Futhi benze isinqumo enhliziyweni yabo, ukuthi sebeqedile ngezwe. Futhi baphakamisa izandla zabo futhi bama ngezinyawo zabo, beshaya indiva umthetho wokudonsela emhlabeni, ukuthi kukhona ukuphila phakathi lapho. Ngakho siwushaya indiva umthetho wezwe nokungakholwa!

294 EGameni likaJesu Kristu, bangabaKho. Bayizipho zothando lweVangeli. Bayizikhumbuzo zoMlayezo, kulobubusuku, ne . . . UBukhona baKho obukhulu bunathi. Faka amagama abo eNcwadini yokuPhila yeWundlu, Lapho, Nkosi. Siyakhuleka ukuthi—ukuthi ngamunye wabo uzoba Lapho, njengabantwana baKho, abathandiweyo baKho.

295 Bagcwalise ngoMoya oNgcwele kaNkulunkulu, ezinhliziyweni zabo. Kwangathi izimpilo zabo zingashajwa kakhulu ngaMandla kaNkulunkulu uSomandla, ukuthi ukuthobeka nothando nomusa nobubele kuzogeleza kuvela kubo, nokushisekela ukubona abanye besindisiwe, lokho okwake kwaba sesimweni sabo. Siphe khona, Nkosi.

296 Into kuphela esingayenza, Nkosi, ngukukholwa. Futhi bame njengesikhumbuzo sokukholwa kwabo. Futhi manje nokukholwa kwami nokukholwa kwabo, ndawonye, sikubeka phezu kwe altare laKho, ngokukholwa. Futhi bangumhlatshelo olele lapho, ulinde iNdodana kaNkulunkulu eyenziwe umhlatshelo ukubemukela eMbusweni waKhe. Siphe khona, Nkosi. Manje nje kwangathi bangaba ngabaKho, eGameni likaJesu Kristu.

297 Manje nina enikholelwa kuYe ngayo yonke inhliziyo yenu, enimile, phakamisani isandla senu, nithi, “NgiyaMkholwa. NgiyaMemukela khona manje njengoMhlengi wami, futhi ngifuna umbhaphathizo kaMoya oNgcwele.” Phakamisa isandla sakho. UNkulunkulu akubusise.

Manje ningahlala phansi.

298 Futhi ngifuna nenze indlela yenu niye ebandleni elithize, manje, khona ngqo.

299 Kusasa ebusuku sizoba no—nomhlangano wombhaphathizo kaMoya oNgcwele, kusasa ebusuku, khona lapha endlini. Manje, kunenqwaba yobuhlanya ababubiza ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele, kodwa lokho akusho khona ukuthi awukho uMoya oNgcwele wangempela. Kukhona uMoya oNgcwele kaNkulunkulu wangoqobo ngempela, ofanayo nje. Futhi ngiyakholwa ukuthi Uzohlangana nathi lapha kusasa ebusuku.

300 Manje, bangaki osendlini okholisekile ukuthi sisesikhathini suphela na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Bangaki okholisekile ukuthi lokhu kuyiQiniso, iZwi lifanele libe ngalendlela ezinsukwini zokugcina na? Phakamisa isandla sakho. ["Amen."] Bangaki kini ongabakholwayo na? Vayizelisani izandla zenu. ["Amen."] Kulungile. UJesu washo lamaZwi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo, uma ungokholwayo."

301 Manje bangaki odinga uKristu emzimbeni wenu na? Phakamisani izandla zenu. Kulungile, nina bakholwayo ohlezi eduze kwabo, bekani izandla zenu phezu komunye nomunye. Futhi indlela okhuleka ngayo ebandleni lakho, leyo yindlela okhuleka ngayo lapha. Ungazikhulekeli wena. Khulekela bona; bakhulekela wena. Futhi iBhayibheli lathi, "Bayobeka izandla phezu kwabagulayo, bayosinda." Manje khuleka ngendlela owenza ngayo, futhi nesithembiso.

302 Nkosi Jesu, bangabaKho. Bemukele eMbusweni waKho. Futhi baphilise ngamunye, Nkosi; nalamaduku. EGameni leNkosi Jesu Kristu, siphe khona, Nkosi. USathane ulahle ukubamba kwakhe. Kwangathi aMandla kaNkulunkulu uSomandla angaphilisa bonke.

*UJehova-Jira 2*  ZUL64-0403
(Jehovah-Jireh 2)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngoLwesihlanu kusihlwa, ngo Apreli 3, ngo 1964, e4-H Club Barn eLouisville, eMississippi, eU.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2015 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

